# *Isigaba Samanje SeNkonzo Yami*

. . .imvuselelo, ngikhathele kakhulu futhi ngikhandlekile. Futhi sibe nenhlanganyelo enkulu kakhulu ngasemgwaqeni, imihlangano emangalisayo, nokubingelela amaKristu avela kuzindawo ngezindawo, kusukela phezulu nasezansi oGwini lwaseMpumalanga, kanti futhi phezulu oGwini lwaseNtshonalanga kuyongena eCanada. Nangobambiswano oluhle phakathi kwawo onke amabandla amahlelo ehlukene, eAssemblies of God, neUnited Pentecostal, iChurch of God, iFoursquare, namaningi ezinye izinhlangano ezababambisana, kunemihlangano emikhulu. Impumelelo enkulu, njengoba bekungabizwa ngempumelelo namhlanje, futhi mhlampe mhlawumbe abaningi bebengawubiza ngokuthi "mkhulu." Kodwa, uqobo lwami, ngingu—ngu—ngumvuseleli. Nemvuselelo, ngokukhuluma ngokukazwelonke, isithi nje ayiphele. Futhi si. . .Ngithanda ukubona imvuselelo lapho izinhliziyo zisemlilweni, kungesikho ukunezelela izibalo, kodwa imvuselelo. INkosi yethu yenza izimangaliso eziningi zokuphilisa abantu, futhi, kusobala, abaningana basindiswa. Futhi manje sengisekhaya, ngiphumule isikhashana, futhi ngibuyela enkonzweni emavikini ambalwa, iNkosi ithanda.

2 Namanje lokhu kuya kubantu abaningi nabangane bami umhlaba jikelele. Ngifisa ukukubeka kulobubusuku, lapha eTabernakele, uma nina, noma yimuphi wenu ebenikhona futhi nikwazi ukubona, bafudumele ngempela etabernakele kulobubusuku. Abantu baminyene phakathi nandawo zonke, bami eminyango, nangaphandle ezimotweni nezinto, futhi kushisa kakhulu, futhi kungabanzima kubantu nakimi uqobo futhi.

3 Kodwa ngize kulendawo ukuthi ngifuna ukuchaza ukuthi sigaba sini sesikhathi esiphila kuso ngokwenkonzo iNkosi enginika yona. Futhi bengifuna ukuyirekhoda eTabernakele. Kwafika enhliziyweni yami ngentwasahlobo edlule, kodwa ngalinda ngaze ngabuyela lapha ukuze ngikwazi ukuthola uku—ukurekhodwa kwayo, ukuyithumela kini bantu bomhlaba.

4 Sekube cishe yiminyaka engamashumi amathathu-nambili eyedlula, ukuthi ngenkathi iNkosi uJesu, phakathi kwekhulu namashumi amahlanu amayadi kwalapho engimi khona okwamanje manje, lapha eJeffersonville eMgwaqeni uEigth noPenn, ukusa engabeka ngakho itshe legumbi kulelitabernakele, nje ngaleyonkathi kuseyixhaphozi nje. Futhi

ngangakhe nje ngaphasheya kwendlela engakwesokunxele sami lapha. Kwakungaphambi kokuba ngiganwe. Ngangihlala nobaba wami nomama. Ukuthi iNkosi uJesu yangivusa ngokusa itshe legumbi elalizobekwa ngakho, cishe kusesekuseni, cishe ngelesithupha nqo. Futhi ngangikade ngicambalele embhedeni isikhathi, nenhliziyo yami igcwele ukujabula, ngicabanga ngalesisikhathi esikhulu ukuthi iNkosi uNkulunkulu yayizongipha itabernakele ukuba ngishumayele kulo. Ngangisengumfana omncane nje ngaleyonkathi. Futhi ngalolosuku ngi . . . intombazane engangihamba nayo, eyayizoba ngumkami ngokushesha ngonyaka olandelayo, yayizoba nathi ngosuku esasizobeka ngalo itshe legumbi.

5 Futhi ngiyakhumbula ngalokho kusa ngenkathi sengivukile, futhi ngicambalele ekamelweni, izitezi eziphezulu khona lapha eMgwaqeni uSeventh. Into ethize yathi, "Vuka ume ngezinyawo zakho." Ngase ngisukuma. Ngase ngibona, njengoba kwakunjalo, indawo enkulu, futhi Yayinjenge—nge—ngendawo lapho okwakukhona khona umfula ugeleza esigodini. Futhi ngehlela lapho emfuleni futhi ngaqonda ukuthi kwakuyindawo lapho uJohane umBhaphathizi wayekade ebhaphathizela khona abantu, futhi base beyiphendule yaba ngeqondene nezingulube. Futhi ngangiyisola kakhulu, ngithi nje lokhu akufanele kwenziwe.

6 Futhi ngenkathi ngiselapho, kwabakhona i—iPhimbo elakhuluma kimi futhi langithatha langiyisa phezulu, futhi ngaqaphela iTabernakele lithi nje alibe sesimweni elikuso njengamanje. Kodwa kwakukhona abantu abaningi kakhulu baze nje baminyana bonke kulo, eTabernakele, kulesisimo, cishe esimweni elikuso manje. Futhi nga—ngangijabule, ngimi emva kwepulpiti, ngithi, "Nkulunkulu, manje Umuhle kangaka ukuba ungiphe iTabernakele."

7 Futhi, ngalesosikhathi, iNgelosi yeNkosi yakhuluma kimi, yase ithi, "Kodwa leli akusilo iTabernakele lakho."

Ngase ngithi, "Manje-ke, Nkosi, liphi iTabernakele lami na?"

8 Yase Ingithatha ingiyisa phezulu ngikuMoya futhi, yase ingihlalisa esixhobeni semithi. Futhi phansi le esixhobeni semithi kwakuyimigqa nje yezihlahla zihlezi nje ziyileveli, cishe zingamafidi angamashumi amabili ubude, noma amashumi amathathu. Futhi zazibukeka zinjengezihlahla zezithelo, futhi zazisemabhakedeni al'hlaza'tshani amakhulukazi.

9 Ngase-ke ngiqaphela ngakwesokudla sami nangakwesokunxele sami, kwakukhona ibhakede elingenalutho macala omabili, ngase ngithi, "Lawa-ke na?"

10 Yase Ithi, "Wena uzotshala kuwo." Ngakho ngase ngidonsa igatsha esihlahleni ngakwesokudla sami ngase ngilibeka ebhakedeni ngakwesokudla, negatsha ngasesandleni sokunxele

ngase ngilibeka ebhakedeni ngakwesokunxele. Masinya zakhula zabheka phezulu le zayongena ezibhakabhakeni.

11 Yase Ithi, "Khangeza ngezandla zakho bese ubutha isithelo-ke." Futhi esandleni esisodwa kwawela elikhulu i aphula eliphuzi, lizothile futhi livuthiwe. Futhi nakwesinye isandla kwawela elikhulu iplamu eliphuzi, lizothile futhi livuthiwe. Yayisithi, "Dlana isithelo-ke, ngoba siyathokozisa." Ngase ngidla kwesisodwa nakwesinye, zimnandi kakhulu. Niyawazi umbono, ubhaliwe kwenye yezincwadi, ngicabanga ukuthi, *Umlando Wempilo*, noma *UmProfethi Uvakashela eAfrika*.

12 Kwase kuthi nje khona lapho ngaphakamisa izandla zami, futhi ngangimemeza inkazimulo kaNkulunkulu. Kwase kuthi khonamanjalo, leyoNsika yoMlilo yehlela phezu kwalezozihlahla, nokuduma nemibani yabaneka, nemimoya yavunguza kakhulu impela, namacembe aqala ukuphephuka esuka ezihlahleni. Ngase ngibuka phansi le, nakhu kumi umumo waleliTabernakele, indlela elihlezi ngayo manje. Futhi ekugcineni ipulpithi lalizoba, kwakukhona izihlahla ezintathu, nalezozihlahla ezintathu zithathe umumo weziphambano ezintathu. Ngase ngiqaphela ukuthi kokubili amaplamu nama aphula ayebuthwe aba yizixheke ezungeze isiphambano esiphakathi nendawo. Ngase ngigijima ngejubane ngempela, ngimemeza ngephimbo lami lonke, ngase ngiwela phezu kwalesisiphambano, noma ngasesiphambanweni, ngase ngisigona ngezingalo zami. Nemimoya yaqala ukuzamazama, nesi—sithelo esiphambanweni, futhi konke kwawela phezu kwami. Futhi ngajabula kakhulu, nje ngithokoza. Lase Lithi, "Dlana isithelo-ke, ngoba siyathokozisa."

13 Kwase kuthi-ke lokhu ukudilingana koMlilo kwamemeza, kwathi, "Ukuvuna sekuvuthiwe, nezisebenzi ziyingcosana." Yase Ithi, "Manje, uma sekubuye umqondo kuwe futhi, noma usuphuma kulokhu, ufunde uThimothewu II 4. UThimothewu II 4." Wase-ke ubuya umqondo kimi. Futhi ngama lapho ngihlikihla ubuso bami nezandla zami. Kwathi nje ngalesosikhathi, ekhoneni lekamelo, ilanga likhanya ngokuphakeme, ngalesosikhathi kusho ukuthi ngangiphansi kombono ihora noma ngaphezulu, Lase lithi, "UThimothewu II 4." Ngase ngithatha iBhayibheli lami ngokushesha, ngase ngifunda uThimothewu II 4.

14 Manje, ngifisa ukufunda lokho manje. Futhi ngokubonakala kuxake ngempela ngempela, lapho ngifunda loThimothewu II 4, indawo engama kuyo, futhi izikhathi eziningi ngishumayelile ngalokho lapha kuleliTabernakele, kubonakala kuxakile ukuthi ngangima kulokho njalo. Manje kuThimothewu II 4, amavesi okuqala amahlanu. Okungukuthi, *isihlanu* yinombolo yo "musa." Ngifunda lokhu.

> *. . .ngikuyala phambi kukaNkulunkulu, neNkosi uJesu Kristu, oyakwahlulela abaphilayo nabafileyo nangokubonakala nombuso wakhe ngithi;*
>
> *Shumayela izwi; uqinise noma kuyisikhathi*, futhi *noma kungesiso isikhathi; sola, ukhuze, uyale ngakho konke ukubekezela nokufundisa.*
>
> *Ngokuba kuyakuba-khona isikhathi abangayikuvuma ngaso isifundiso esiphilayo; kepha ngokwezinkanuko zabo bayakubutha. . .bayakuzibuthela abafundisi, bebatshwa yizindlebe;*
>
> *Bayakufulathelisa izindlebe zabo eqinisweni, baphambukele ezinganekwaneni.*
>
> *Kepha wena qonda ezintweni zonke, ubekezele ekuhlupheken*i, futhi *wenze umsebenzi womvangeli*, futhi *ufeze ukukhonza kwakho*.

15 Senake naqaphela, futhi angikaze ngikuqaphele kuze kwaba yiloMeyi odlule, angikaze ngifunde kakhulu ngalowomBhalo kwaze kwaba lapho na? Yilokho kuphela esengake ngafunda ngakho okwakubonakala sengathi kwakwe—kwenele, ngoba kwakungitshela ukuba ngishumayele iZwi nokuthi ngibekezele ekuhluphekeni, nokuba ngibekezele, ngokuba isikhathi sasizobakhona lapho ababengayikuvuma ngaso isiFundiso esiphilileyo, kepha ngokwezinkanuko zabo bayakubutha abafundisi, bebatshwa yizindlebe, futhi bafulathele iQiniso baye ezinganekwaneni. Kodwa, manje, Ayizange isho neze ukuthi ngangingumvangeli. Yathi, "Wenze umsebenzi womvangeli." UPawulu etshela uThimothewu, niyabo. Nike naqaphela ukuthi kusho kanjani na? Ayishongo ukuthi, "Manje, ubizelwe ukuba ngumvangeli." Kwathi, "Wenze umsebenzi womvangeli." Niyabo? Manje, siyaqaphela lapho ngaleyonkathi. Manje, ukuba bengizosho ngenhliziyo yami yonke nangokwazi kwami konke, lokho kugcwaliseke ncamashi. Ngakho impela nje. Nalokho kuyiminyaka engamashumi amathathu eyedlula.

16 Futhi ngokwazi kwami, ukuthi yonke imibono Eseke yanginika yona igcwalisekile ngaphandle kowodwa engiwushintsha enkonzweni, yami iye lapho engizokhulekela khona abantu endaweni encane njengekamelo elincane phansi kwethende, noma ihholo elikhulu noma into ethize. Kwabukeka, kimi, njengethende. Niyakukhumbula lokho, eminyakeni emibili noma emithathu eyadlule na? Cishe konke okwakho kwafezeka. Ngangifanele ngihambe ngehle ngiye eMexico, nokuthi liyokuna kanjani kulobo busuku nokuthi kuyokwenzekani ezansi lapho. Futhi Yangitshela inkonzo yami yokuqala yomdonso wokuqala. Khumbulani ngokubamba inhlanzi encanyana, noma ukuyigeja na? Owesibili kwakuyinhlanzi encane. Kodwa khona-ke Yangitshela, "Emdonsweni wesithathu, ungehluleki. Niyabo? Futhi ungabatsheli abantu." Ngihlala njalo ngizama ukuchaza

engizama ukukwenza. Iyangazisa ukuba ngingabatsheli abantu okwenzayo. Nje ngenze lokho Engitshela ukuba ngikwenze futhi ngikuyeke kanjalo. Niyabo?

17 Kodwa ngiyileyo nhlobo yomuntu, anginazimfihlo, ngakho nje ngisho konke engikwaziyo. Ngakho, lokho, lokho nje kuwuhlobo, ngiqagele. Kodwa lokho, ngizama . . . ngiyabathanda abantu, futhi ngifuna abantu basindiswe kabi kabi ngize ngizame ukubatshela konke engikwaziyo, ngaphandle uma kuyinto Engitshele ukuba ngingayisho, kusobala, ukuze bangakugeji. Niyabo? Ngifuna bona babone sekuseduze kakhulu ukuthi akuyikuba khona phutha kukho.

18 Manje, lokho kuyafezeka impela nje. Manje khumbulani, ukuyala kwakungukuthi, uma sizokutadisha lokho okomzuzwana, "Ngiyakuyala phambi kukaNkulunkulu, neNkosi uJesu Kristu, Oyohlulela abaphilayo nabafile nangokubonakala noMbuso waKhe." Niyabo? "Oyohlulela . . . Ngiyakuyala phambi kukaNkulunkulu, noKristu, ukuthi u—ukuthi ushumayela iZwi." Futhi ngisize, kuze kube yilobubusuku, njengoba nginalolonke ulwazi lwakho, angizange ngishumayele lutho kodwa iZwi, niyabo, futhi ngahlala Nalo ngqo. Kade kunenqwaba yenkathazo, futhi ngedlule ezinqwabeni zezinhlupheko nezinqwaba zezivivinyo, ngadingeka ukuba ngehlukane nabaningi abangane abayigugu ngenxa yaso impela lesositatimende, "Shumayela iZwi." Futhi ngi—ngilishumayelile.

19 Niyakhumbula embonweni, noma, ukuguqulwa okuncane njengoba ngingakubiza, maduze nje, lapho engangithathiwe futhi ngabona labobantu futhi ngabuka emuva kimina uqobo nazozonke lezozigidi lapho. Futhi ngathi, "Ngifuna ukubona uJesu."

Futhi Wathi, "Ungaphezulu kunalokhu."

20 Awu, niyabo, uma abantu befa, aba—abahambi ngokushesha baye phezulu noNkulunkulu. Manje, nina, ngiyethemba nizokuqonda lokho. Mhlawumbe ngifanele ngikuchaze ngawo onke amandla ami. Nijahile na? Asithathe isikhathi sethu-ke futhi—futhi—futhi sizame ukukwenza nje kucace bha njengoba ngingenza.

21 Manje, uma siza siqhubeka, siyakhumbula ukuthi siphila lapha emazingeni amathathu. Futhi angazi noma ngingawasho noma qha. Elinye lawo ukukhanya, nelinye into ephathekayo. Tommy, uyakhumbula ukuthi elesithathu yini na, hhe? I atomu, isikhathi. Kunjalo. Manje, ukukhanya, into ephathekayo, nesikhathi. Futhi imizwa yethu eyisihlanu ixhumana nalawomazinga. Ukubona kwethu kuxhumana nokukhanya, ukuzwa kuxhumana nezinto eziphathekayo, kanjalonjalo.

22 Manje, kodwa sinokuxhumana ngesayense, izinga lesine, njengoba kwakunjalo. Ngoba okuza ngqo kulesisakhiwo manje kuza izithombe, amaphimbo omsakazo, izithombe kwitelevishini, lokho imizwa yethu awuxhumani nalokho, kodwa nokho banom—nombhobho noma itshe elikhanyisa okwengilazi elithatha lawomagagasi omoya osesibhakabhakeni futhi kuwabonakalisa. Ngakho, niyabo, khona kulesisakhiwo manje yizenzo eziphilayo zabantu, emoyeni, amaphimbo aphilayo. Alapha. Siyakwazi. Ayiqiniso ngokoqobo. Futhi into kuphela oyenzayo, ba—balibamba e . . . angiyiqondi isayense ephathelene nemishini ya—yalezozinto isayense eyiqambile, kodwa siyazi ukuthi kuyafakazisa kithi ukuthi kukhona izinga lesine.

23 Manje, izinga lesihlanu yilapho isoni, ongakholwayo afa futhi aye khona. Izinga lesihlanu liwuhlobo lwe, awu, izinga elesabeka kakhulu. Manje lomuntu . . .

Futhi uma umKristu efa, uya ezingeni lesithupha.

Futhi uNkulunkulu usezingeni lesikhombisa.

24 Manje-ke, niyabo, umKristu uma efa, uya phansi kwe altare likaNkulunkulu, ayongena ngqo eBukhoneni bukaNkulunkulu, ngaphansi kwe altare. Futhi usekuphumuleni.

25 Ukukuhlaziya. Uma umuntu enephupho elisabisayo, akalele nya, kanjalo futhi akavukile. Uphakathi kokulala nokuvuka, futhi yilokho okumenza abenokuqhaqhazela okwesabisayo nokumemeza, ngoba akalele, akavukile. Futhi ukuthatha lokho, kukhombisa ukuthi umuntu uyaphi uma efa engaphendukanga. Usiphilile isikhathi sakhe, usefile emhlabeni; futhi angeke aye eBukhoneni bukaNkulunkulu, ngoba akakulungele ukuya lapho ngaphandle kweGazi. Futhi ubanjiwe. Futhi angeke abuyela emhlabeni, ngoba isikhathi sakhe sesiphelile lapha emhlabeni, futhi ubanjwe phakathi nendawo, futhi usephusheni elisabisayo. Niyabo? Angeke ahamba ayongena eBukhoneni bukaNkulunkulu, ukuba aphumule. Futhi ngeke abuya, eze emhlabeni, ngoba isikhathi sakhe sesiphelile. Usephusheni elisabisayo, futhi lapho uhlala kuze kube wusuku lokwahlulelwa. Into esabekayo ukuba kuyo, niyabo.

26 Futhi manje kulombono, ngikholwa ukuthi ngabanjwa ngayiswa kulelozinga lesithupha, ngibuka emuva phansi lapha futhi ngikwazi ukubona emuva. Niyabo, ukubona akungawo ngempela amehlo angawasemhlabeni. Kodwa ukubona kuyinto enkulu kakhulu kune . . . Ukubona abanakho lapho, ukuxhumana kwabo kukude ngaphambili le kunakho konke ukuxhumana imizwa yethu yemvelo ebingaba nokuxhumana.

27 Lapha esikhathi esedlule ngangikuchaza. Ngangibuka isithombe setelevishini lapho badedela khona indoda yehla, ngicabanga ukuthi amamayela amabili noma imayela ukujula olwandlekazi, futhi babenokukhanya kwemisebe

okwaphumayo. Babekhombisa impilo yasolwandle. Futhi nakho kuza inhlanzi, lezozidalwa ezibukeka zesabisa. Lokho, kuphakathi nobusuku, uyinki omnyama phansi lapho. Futhi zazinomuthi othize ompofu okhanyayo ebumnyameni ekhaleni lazo futhi zazingenamehlo. Manje, zazifanele zondliwe, ngakho kwakubukeka sengathi, ukuthola ukudla kwazo, zaziholwa ngomunye umuzwa; hhayi ukubona, ngoba zazingenawo amehlo, zazingenakuwasebenzisa phansi lapho. Kodwa zaziholwa ngomunye umuzwa ukuthi zazingaxhumana nokudla kwazo. Futhi ngacabanga, "Ukuba bengingahle ngibe nokulawula kwaleyonhlanzi encane ngokubona kwami, ngingayinika kakhulu kangakani ukudla kwayo futhi ngiyiholele ezindaweni, kukhulu kangakani ukubona kwami kunenkomba irada exhumana ngayo." Niyabo? Futhi ngacabanga, "Ukuba nje bengingayihola!"

28 Khona-ke kuyafika kimi, "Ukuba kuphela bengingazinikela qobo lwami kuNkulunkulu, kukhulu kangakanani ukubona nemizwa kaNkulunkulu, Obengasihola kakhulu kakhulu kunezinto esizibonayo, ngoba ukukholwa Asinika khona kuyiqiniso ngezinto ezingabonwa ngamehlo ethu." Khona-ke uma leyonhlanzi encane yayingazange ikhuphukele ngaphezu kwamanzi njengenye inhlanzi, ngoba iyacindezelwa. Uyayikhuphula, ibiyoqhuma. Kungengaphezu kokuba singakhuphuka siye phezulu kakhulu futhi singaqhumi. Sicindezelwa ngenxa ye—yendawo esiphila kuyo.

29 Kodwa manje uma leyonhlanzi encane ibingake ize ikhuphukule lapha futhi ibe yimi, ibingake ike iphinde ifune ukuba yileyonhlanzi futhi phansi kulobobumnyama baphakathi nobusuku na? Ibingeke iphinde ike ifune ukuba ibe yinhlanzi, ngoba isiyinto enkulu kunenhlanzi, isingumuntu; imizwa yayo isimikhulu kakhulu, ukuqonda kwayo sekukukhulu kakhulu, ukuhlakanipha kwayo sekuphezulu. Manje-ke phindaphinda lokho ngezigidi eziyishumi, khona-ke uyakuthola ukuthi kuyini uma wedlula kulokhu uyongena eBukhoneni bukaNkulunkulu ngaleya, lapho isidalwa esingumuntu siqhele kakhulu kakhulu kunalokho thina esiyikho lapha. Ubungeke neze usaphinde ufune ukuba yisidalwa esingumuntu kanje, phansi kulendlu yezifo yokugula nokonakala. Bekunjalo enhliziyweni yami, ukuthi ngizamile leminyaka engamashumi amathathu ukushumayela iVangeli emhlabeni jikelele, ukutshela abantu ukuthi kukhona iZulu uku—ukulizuza futhi kukhona isihogo ukusigwema, futhi kukhona uNkulunkulu okuthandayo, na—namandla ahlengayo abekwe alindele ukukuphakamisa noma ngasiphi isikhathi leso olindele ngaso ukuwemukela.

30 Njengendoda egwilizayo, intambo ilenga lapho, iyacabanga, "Awu, intambo, ngingazidonsa qobo lwami ngizikhiphe, kodwa angifanele ukuthola intambo." Intambo yabekwa lapho ngayo leyonhloso, ukuba wena qobo lwakho uzidonse

ngayo uphume lapho. Yingalesosizathu uJesu Kristu afa, ngayo leyonhloso yokusindisa izoni. Futhi Walengisa intambo yokuPhila okuPhakade, yona ngabo lobubusuku ezokwedlula phezu kwalo lonke ikhanda lesoni phakathi lapha, nophawu lokwemukela lulenga kuyo, "Khuphuka uphume kukho." Uma—uma u—uma ufisa ukukwenza, ukulungiselela kuyenziwa.

31 Manje, ngenkathi sengibone leyondawo nalesosimo labobantu ababekuso, nokuthi kukanjani ngaphezulu le kwanoma yini lelizwe ebelingake licabange ngayo, kwakunenkazimulo. Kwakungeke kwabakhona-sono lapho, akukho-kufa noma lutho okungangena kuleyondawo. Futhi kwakungekho mehluko phakathi kowesilisa nabesifazane, kuphela i—izindlala zocansi zase zingasekho kubo, futhi kwakungasayikubakhona neze ukuphinga nayilutho olunye. Kodwa wayesalokhu engowesifazane ngendlela yokuma komzimba, nowesilisa wayesalokhu eme ngokomzimba, futhi bayoba ngaleyondlela kuze kube phakade. Ngoba ngenkathi uNkulunkulu . . .

32 Manje lokhu kungahle kube kuhle, abanye benu bantwana basesikoleni esiphakeme enithola izinto ezifundiswayo kini lapha mayelana nenguqunguquko yempilo. Manje, ngiyakholelwa enguqunguqukweni yempilo, kodwa hhayi ngendlela ukuthi umuntu waguquka esuka ohlotsheni o—oluthile lwesilwane esiphansi ngezinga. Umcabango wabo ongenabufakazi ubuye ushaye bona uma bezama ukubhastelisa noma yini, angeke yaphinda izizale futhi. Ngakho, niyabo, kwa—kwabuye kwashaya bona.

33 Manje, ngikholwa ukuthi ngenkathi uNkulunkulu eqala ukuhlamba umhlaba, mhlawumbe into yokuqala Eza nayo kwakungunoshobishobi, futhi ukusuka lapho kwaya exoxweni, futhi kuqhubeke kuye phezulu. Kodwa, niyabo, kulokhu kuqhubeka nokusondesondela nokusondesondela emfanekisweni womuntu, nomuntu wayengumfanekiso obonisa uNkulunkulu. Futhi kungalesosizathu ukuthi utshani buba ngobuguquguqukayo, mhlawumbe utshani, futhi ukusuka etshanini kuvela izimbali, ezimbalini kuqhamuka izihlahlana, ezihlahlaneni kuvela imithi. Ngani na? Kuyisithombe soMuthi wokuPhila umi ngakwelinye icala. Futhi yonke into kulelicala engeyemvelo iyithunzi lokungaPhezu kwemvelo noma okuPhakade ngakwelinye icala. Ngakho-ke, inqobo nje uma kukhona umKristu ozelwe ngokusha emhlabeni, futhi sinomzimba lapha onjengalona, kuyikho impela ukuboniswa kwalowo olindile ngakwelinye icala lapho khona okungekho-kufa nosizi. Futhi yilokho okwenza izinhliziyo zethu zilambele okunjengalokho. Niyabo, kukhona into ethize kithi ebizela ngaphandle. Nje si . . . Kukhona into ethize esitshela ukuthi ukhona. Ngikholwa ukuthi kuleminyaka . . . ngiyaxolisa phambi kukaNkulunkulu nabantu, ngokuba yisithutha nangokuba . . .

ngenza amaphutha amaningi. Kodwa yonke leminyaka eminingi ngibe nenhlanhla yokubona izigidi eziningi zabantu ziza zingena eMbusweni kaNkulunkulu, futhi bengibonga eNkosini ngokungivumela ngibaholele lapho. Futhi ngikholwa ukuthi bayoba lapho ngalolosuku.

34 Manje, umbono wagcwaliseka. Nokuthi ngake ngaze ngafika kanjani ekuthini ngime, ngingazi, kulelovesi 5. Yilokho kuphela engake ngakufunda. Kodwa kukhona okunye okuningi kulesosahluko, amanye amavesi amaningana. Manje, ungahle, ekamelweni lakho lasehhotela noma ekhaya kulobubusuku, masinya nje uma sesiphuma, uwafunde onke awaleso, ngoba nginemiBhalo eminingana ebhalwe yakhishelwa lapha engifuna ukuthathisela kuyo, namanothi engifuna ukuthathisela kuwo. Futhi ngifuna nisifunde uma seniya ekhaya. Ngizosicaphuna, sizoba seteyipini. Nifuna ukumaka okunye kwaso phansi, ngani, kuzobe kulungile.

35 Manje, niyakholwa ukuthi owesilisa nabesifazane, engaziyo ukuthi niyakholwa, ukuthi baholwa nguMoya kaNkulunkulu ukuba benze izinto na? Niyabo? NoJesu wayeyiphethini yethu. Uma nizokuqaphela, ngifuna ukuphenya, nina niphenye kanye nami, kuLuka oNgc., isahluko 4, umzuzu nje. Futhi ngifuna ukunikhombisa into ethusayo. Ukuze nje singatholi eziningi kakhulu zalezizinto eziqondene nakho, kodwa ukuthi nizokwazi ukuba nifunde kanye nami lapha, ngalona, okwemizuzwana embalwa nje. ULuka oNgc., isahluko 4 nevesi 14, siyaqala. Manje bhekisisani ngokusondele ngempela lapha uma nifuna ukubona into ethize yenzeka, lokhu kwakuhambisana. Manje qaphelani.

> *UJesu wabuyela eGalile ngamandla kaMoya:. . . Wabuyela eGalile ngamandla kaMoya: udumo lwakhe lwanda kulo lonke* amazwe *langakhona.*
>
> *Wafundisa emasinagogeni abo, edunyiswa yibo bonke.*
>
> *Wafika eNazaretha, lapho wayondliwa khona: futhi, wangena esinagogeni ngosuku lwesabatha, njengokwenza kwakhe, wasukumela ukufunda.*
>
> *Wanikwa incwadi kaIsaya umprofethi. Wayivula incwadi, wafumana indawo* ku *lotshwe kuyo ukuthi*, okulotshwe kuyo ukuthi,
>
> *UMoya weNkosi uphezu kwami, ngokuba ingigcobile ukuba ngishumayele ivangeli kwabampofu; ingithumele ukupilisa abadabukileyo ngenhliziyo, nokushumayela ukukhululwa kwabathunjiweyo, nokubona kwabayizimpumputhe, nokuhlenga abacindezelweyo.*
>
> *Nokushumayela umnyaka omuhle weNkosi yethu.*
>
> *Wayigoqonga incwadi,. . .*

36 Manje, uma nifuna uku, uma nifuna okuphathelene nalokho, nginakho lapha, umzuzwana nje, uma mhlawumbe ngingahle ngikucaphune lapha okufundwa khona emphethweni lapha. Uma niqaphela, lokho futhi uzokuthola ngale kuMarku nezindawo ezehlukene, kodwa kuIsaya 61:1 nele 2. Manje, akuxaki yini ukuthi Wama khona lapho, nalo impela ivesi elilandelayo...Yilokho okwakuqondene nokufika kwaKhe kokuqala. Nokulandelayo, ivesi elilandelayo, liqondene nokuFika kwaKhe kwesiBili, ekwahlulelweni. Wama wase eyivala incwadi. Uma noma yimuphi wenu efunda iScofield Bhayibheli, uzothola inothi elingezansi ekugcineni kulo lapho. Niyabo? Bhekisisa inothi lakho elingezansi ekugcineni likamaka ongu "2," inothi elingezansi ekugcineni, niyabo, futhi nizoqaphela lapho ukuqhathaniseka nom—myalezo ocashunwe kuIsaya 61:1 nele 2. Akwazi...esehlweni se...Lapho khona umBhalo lapha, eshumayela, uJesu wayezoshumayela umnyaka omuhle weNkosi; nevesi elilandelayo liphuma nokuFika kwaKhe nokwahlulelwa. Niyabo? Futhi niyabona ukuthi Wama kanjani kulelo impela.

37 Nokuthi angizange kanjani ngikuqaphele lokho, nokuthi ngangima kanjani njalo kulelivesi 5, "Ngokuba kuyakuba-khona isikhathi abangavumi ngaso isiFundiso esiphilayo, kepha bayozibuthela abafundisi, bebatshwa yizindlebe, futhi bayofulathela iQiniso baye ezinganekwaneni. Kepha wenze umsebenzi womvangeli, ufeze ukukhonza kwakho." Niyabo? Futhi ngosizo lukaNkulunkulu nomusa ngizamile ukukwenza lokho. Futhi ngifuna abangane bami, ndawo zombili lapha naphandle emazweni lapho amateyipu eyoya khona, isizathu esenze ngithathe isinqumo enginaso ngeZwi, yingaso impela lesisizathu. "Shumayela iZwi." Yingalesosizathu ngingeke ngavumelana nanoma yiziphi izivumokholo, nayimaphi amahlelo, ngoba ngiyalwe nguNkulunkulu ukuba ngihlale neZwi. Manje uma noma yimuphi umuntu efuna ukwenza noma yini enye, lokho kukubo.

38 Futhi uma niqaphela, embonweni enganginawo wenkonzo yami, kwakungukuthi angikaze ngiphambanise lezozihlahla. Angikaze ngisuke kwenye inkolo ngaya kwenye. Angikaze ngithi, "Nonke nina bakamthathu emunye yibani ngabaka munye" noma "nonke nina bakamunye yibani ngabakamthathu emunye." Ngitshale ezitsheni zabo uqobo. Khona impela. Ngaya kokamthathu emunye, ngaya kokamunye, ngaya kumuntu wonke, futhi ngahlala phakathi naphakathi futhi angaze ngajoyina noma yiliphi lawo; kodwa ngahlala phakathi naphakathi, ngingumzalwane, khona impela lokho umbono owathi angikwenze. Futhi ngidle isithelo esivela macala omabili, insindiso macala omabili.

39 Futhi manje, niqaphelile, baningi abantu bakamthathu emunye abahlezi lapha, baningi abakamunye, futhi baningi

abehlukene. Kodwa kuncane kanjani ebeningaqophisana ngakho, ngoba uma leyongxenye yombono yayiqinisile, enye ingxenye iqinisile, nayo. Zombili izithelo satholakala esiphambanweni. Niyabo? Zombili sasisesiphambanweni, zonke ziyisixheke ndawonye, futhi kokubili amaplamu negonandoda, noma impentshisi, amaplamu nama aphula ehlela kimi okwemvula lapho. Onke kanyekanye. Onke atholakala esiphambanweni, ngoba bonke bakholelwa kuNkulunkulu futhi bagcwaliswa ngoMoya oNgcwele, futhi banemisebenzi yamaKristu nezibonakaliso zilandela.

40 Manje, ihlelo ngeke lizihlanganise ngalutho nakho. Kuyoba ngozelwe ngokusha ozozihlanganisa nakho. Kuzoba ngulwazi lwakho lwesipiliyoni noNkulunkulu oluzozihlanganisa nakho. Manje, sibona okuningi kakhulu kakhulu kwalokho. NginemiBhalo eminingana lapha engithanda ukuthathisela kuyo. Mhlawumbe ngizokwenza kamuvanyana.

41 Kodwa manje ngifuna ukunisusa evesini 5, niqhubeke njalo nize niyofika evesini 18. Futhi manje ukonga isikhathi, ngeke ngi—ngikufunde. Kodwa manje uPawulu, eqala esukela lapha kuThimothewu futhi, uma niqaphela ukuthi uqala kanjani ukukhuluma, kufikiselana umunyu. Manje uma niqaphela emva kwevesi 5.

> *Ngokuba mina sengiyanikelwa, nesikhathi* sami *sokumuka*. . .*sesifikile.* Elungiselela ukushiya inkundla, (Uyasuka, niyabo, "ngi. . .awu, bhekisisani, sami. . .") Sengilungele, futhi *ukumuka kwami sekufikile.*
>
> *Ngikulwile ukulwa okuhle, ngiqedile ibanga lami, ngigcinile ukukholwa:*
>
> *Sengibekelwe umqhele wokulunga, eyakungipha wona, ngalolosuku iNkosi, umahluleli olungileyo: kungeyimi* ngedwa *ngedwa, kepha*. . .*bonke abathandayo ukubonakala kwayo.*

42 Manjena-ke uyaqhubeka ukuba asho, "Yenza konke, yenza lezizinto." Ini? Ukuba alethe ijazi. Manje siqala ukusuka ngqo, futhi uthi:

> . . .*uDema wangishiya*,. . .

43 Kufanele kufike isikhathi enkonzweni yakhe ngenkathi esengumvangeli osemncane, umprofethi osemncane, wonke umuntu wayemthanda. Kodwa manje niyaqaphela ngokwehlela ngezansi phakathi lapha, kwathi:

> . . .*wonke* umuntu u*ngi*shiyile:. . .(ngenxa yani na? iZwi)

44 Ngenkathi uJesu, umProfethi osemncane waseGalile, Wathola isikhathi futhi Washiywa. Wonke umuntu ohlala neZwi likaNkulunkulu ufika kuleyondawo lapho beshiywa khona

yizwe nezwe lezenkolo. UJesu wapha ukudla izinkulungwane ezinhlanu, ngosuku olulodwa, futhi babutha obhaskidi abagcwele i—imvuthuluka ewile yolofu abahlanu nezinhlanzi ezimbili. Kwase kuthi ngalo lona usuku olulandelayo, ngikholwa ukuthi kwakuyilo, Uqala ukwehla neZwi, futhi bonke baqala ukusuka kuYe. Futhi Waqalaza kubafundi, wayesethi, "Nithanda ukumuka, nani na?" Ngisho namashumi ayisikhombisa abafundisi baKhe uQobo abagcotshiweyo baMshiya. Futhi Wathi, "Nithanda ukumuka, nani na?"

45 Wase-ke uPetru ekhuluma lawomazwi abalulekileyo, ngokuthi, "Nkosi, siyoya kuphi na? Wena wedwa unokuPhila okuPhakade."

46 Qaphelani. Kodwa isikhathi siyafika lapho kufika khona isikhathi sokushiya, futhi si—sifanele sifike. Sifanele sifike. Futhi manje nginabaprofethi abaningana nezinto phakathi lapha engizothathisela kubo, ukufakazisa kini ukuthi lesosikhathi siyafika. Futhi sesifikele mina. Akukho sidingo sokuzama ukusesula ngisuke kuso, sesikhona futhi nje nifanele nisithathe. Abazange basesule basuke kuso, bama futhi basithatha, futhi bengenamahloni ngeVangeli.

47 Niyaqaphela uPawulu, "Ngikulwile ukulwa okuhle. Ngiqedile ibanga lami. Ngikugcinile ukuKholwa." O, he! Kwehle njalo lapha kwathi, "Ngalwa nezilo. Futhi nga—ngakhululwa emlonyeni wezingonyama." Nezinto edlula kuzo, uNkulunkulu waba muhle kuye. Kodwa isikhathi sasesifikile lapho ayesezomuka.

48 Manje, ake sithi ukumangala nje, kwakungani ukuba indoda, umfundisi, ebambisene njengoba uDema wayenjalo kuPawulu, aze ashiye uPawulu na?

49 Nimayazi uMfowethu Baxter, abaningi benu bayamkhumbula. Wayevamise ukufunda lokhu ngoDema. Wathi, "Uyazi ukuthi ngizokwenzenjani, Mfowethu Branham, uma ngifika eZulwini, into yokuqala engizoyenza mina."

Ngase ngithi, "Yini?"

50 Wathi, "Ngizohamba ngikhuphuke ngqo futhi ngithole ukuthi uDema ukuphi, ngizomshaya ngawo wonke amandla ami." Ngase ngithi, "Uzojika bese ethi 'Baxter, uyokwenzelani lokho na?'" Wathi, "Wamshiyelani uPawulu ozihluphekelayo omncane lapho ayeshiywe khona yiwo wonke umuntu na?" Angikulayezi lokho, angikholwa ukuthi bayoba nokulwa phezulu lapho, kodwa nje ngicabange ngoMfowethu Baxter esho lokho ngoba wamdabukela kakhulu uPawulu.

51 Awu, wayenzeni uPawulu na? Wayeshumayele nje ngakho konke ukwethembeka, noMoya oNgcwele wawuphezu kwakhe. Futhi ngenkathi ebhala phansi lapho ngalabo befundisi abangamanenekazi nezinto, ngicabanga sengathi

kwaba khona ukuqhuma. Wathi, "Abesifazane mabathule emabandleni, abavunyelwe ukukhuluma," futhi yena esejele ngaso lesosikhathi.

52 Ucabanga ukuthi nje bathini abanye balabo babhishobhi na? "Hhe! Lowo mfo phezulu lapho ejele, uhlangene ngani nokusibhalela phansi lapha? Niyabo? Futhi unoThimothewu, umqhafi wewayini, enaye. Futhi ngakho lapha usenhla lapho manje, ukuthi wondla uThimothewu ngewayini, futhi lapha ulele ejele, futhi ubhala phansi, usitshela lokho ebesifanele sikutshelwe uMoya oNgcwele ukuba sikwenze."

53 Kodwa wathi, "Uma . . . Ini? IZwi likaNkulunkulu liphuma kini, lase liphuma kini kuphela. Uma umuntu ethi ungowomoya noma umprofethi, makazi ukuthi engikulobayo kuyimiYalo yeNkosi." Niyabo?

54 Niyabo, isikhathi siyafika, bangane. Futhi ngifuna abantu ezweni amathephu aya kubo, ukuba bakhumbule ukuthi isikhathi sokwehlukanisa sizofika. Sifanele sikwenze. Angazi ukuthi ngiqhele kangakanani esikhathini sokuphela, ukuphela kwami komgwaqo. Angazi. Lokho kukuNkulunkulu. Angazi mayelana nekusasa ukuthi linjani, nokuthi ubani . . . angazi ukuthi liphetheni, kodwa ngiyamazi Oliphethe. Ngakho kwakhelwe lapho-ke ukukholwa kwami, phezu kwalokho.

55 Manje, ngicabanga ukuthi uDema akamshiyanga wayeseqala ukuya emaklabhini asebusuku. Angicabangi ukuthi uDema wakwenza lokho, ngoba uDema wayeyindoda eyayigcwaliswe ngoMoya. Wayengumsizi omkhulu. Uma wake wawuthatha umlando kaDema, wayengumshumayeli odumile, indoda enomoya omuhle ephucuzekile, epholisheke ngokuphakeme, efundile. Wayeyindoda ekhaliphile. Kodwa kungani ashiya uPawulu na? Yileyonto-ke. Yini eyamenza akwenze, ashiye uPawulu na? Angikholwa ukuthi wayefuna ukuya eklabhini yasebusuku noma yini enye. Kodwa ngikholwa ukuthi kwakunguNkulunkulu ehlukanisa uPawulu. Manje ngicabanga ukuthi uDema . . .

56 Ake sithathe eminye imicabango kaDema. Njengoba ngangihleli phansi emmangweni, ngimangala ngolunye usuku cishe sekusemini, futhi ngangicabanga, "Kungani uDema wayefuna ukushiya lowomfo na? Kungani ashiye lowomshumayeli omncane ozihluphekelayo owamholela eNkosini, indoda eyayihamba phambili emvuselelweni phakathi kwabeZizwe, umprofethi isibili na?" Akekho owayengathi wayengesuye umprofethi. Wayengaphezu komprofethi, wayengumphostoli, futhi umphostoli omkhulu nonamandla kwabeZizwe. NoDema wayebambisene noPawulu, wayenenhlanganyelo, futhi ewubonile uMoya kaNkulunkulu uhamba phezu kwaleyondoda. Futhi kungani afulathele umuntu onjengalowo, owayekade eqinisekisiwe ukuthi wayeyinceku

kaKristu na? Niqaphelile yini uPawulu lapha, "Ethanda lelizwe lamanje." Manje, angikholwa ukuthi uDema wahlubuka. Angikholwa ukuthi wakwenza lokho. Kodwa ngicabanga ukuthi wa—wabanombono ongesiwo ngoPawulu.

57 Manje, uDema uvela emndenini ocebile futhi wayenothile, futhi imali ngesinye isikhathi isho inkolo kubantu. Njengoba besho eCalfornia, "Uma ungenazo izimoto zohlobo oluphambili amakadileks amathathu, awusiye owomoya." Ngakho kusho ukuthi, uma ungaphumeleli, uma ungenalo ibandla elihle ukuwedlula onke elikhona edolobheni, abantu ngeke baye. Cishe impela kube ngaleyondlela lapha; kuyafakazisa kuwe. Ufanele ube nebandla elihle ukuwedlula onke ezweni, uma kungenjalo bathi, "Wena, o, usho ukuthi ujoyine isigejane esincane esinjalo na?"

58 Benazi yini ukuthi iNkosi yethu yayingenandawo yokucamelisa ikhanda laYo na? Benazi yini Yayinebhantshi elilodwa kuphela na? Niyabo? Futhi Yayinalo, Yayiwuhlobo lomuntu nje olwaluphushwa luyiswa le nale. Futhi Yayingenandawo yokucamelisa ikhanda laYo. Kodwa ngahle ukuba babecabange into efanayo, futhi bacabanga, ngaYo.

59 Futhi, manje, ngikholwa ukuthi uDema wabona ukwehluleka, ngokubonakala sengathi, enkonzweni kaPawulu. Ngicabanga ukuthi wacabanga ukuthi umfo omdala wayesewashekile phambi kukaNkulunkulu. Manje, wacabanga ukuthi abantu babezokhipha amehlo abo bawanikeze uPawulu . . .

60 Manje, uPawulu wakusho lokho, wathi, "Uma kwakungenzeka, okungenani, beniyokhipha amehlo enu, ukuba ninginike wona." Isizathu uPawulu, sicabanga ukuthi, wayenamehlo amabi, ngoba wathi, "Ngilobe ngamagama amakhulu impela." Wathi, "igama elikhulu" kodwa ngine—nginehumusho ilexicon, futhi lithi "amagama amakhulu." WayeseRoma, etilongweni lapho. Kwakuyinto eyiphutha, wathi amehlo akhe ayekade emhlupha selokhu kwaba umbono waseZulwini. Ngakho u . . . Abantu babeyokhipha amehlo abo, niyabo. NoPawulu ehlupheka, amehlo akhe emhlupha, futhi yena ehlupheka. Futhi wacela iNkosi ukuba imphilise, izikhathi ezintathu. Futhi wathi, "Ukuze ngingaziphakamisi ngobukhulu beSambulo, kwathunyelwa kimi isithunywa sikaDeveli ukuba singimukule." Manje, kwakuba kahle impela, bese imshaya futhi. Abe kahle, bese imshaya futhi.

61 Niyabo, uPawulu wayenenkonzo enkulu kunabobonke abanye abaphostoli behlanganiswe ndawonye. Abanye babo babengathi, "Awu, ngahamba noJesu." Ngani, umuntu emgwaqeni wahamba naYe ngenkathi Eselapha. Kodwa uPawulu waMbona eseNsikeni yoMlilo emva kokuba wayesefile, wemmbelwa, wenyukela eZulwini, futhi wabuya wayesebiza

uPawulu, niyabo, niyabo, esendleleni ebheke ezansi eDamaseku. Futhi wayenenkonzo enkulu kunekaMathewu, uMarku, uLuka, noma yimuphi walabo abanye. Wayephambili kude kakhulu kubo. Futhi wathi, "Funa ngiziphakamise manje besengithi, 'Manje, ninabafo anazi lutho ngaKho,' ngibone iNkosi emva kokuvuka kwaYo."

62 Awu, bathi, "Sahamba naYo." Awu, kanjalo bonke abantu ezansi ngokuzungeza iGalile neNazaretha nokudabula izwe lapho. Bonke bahamba naYo.

63 Kodwa, niyabo, uPawulu wakhuluma naYo, futhi waYibona isesimweni Eyayikuso ngaphambi kokuba Yenziwe inyama. Niyabo? Futhi Yayala uPawulu ikulesosimo ngenkathi Isekulokho kuKhanya. Yayala uPawulu. Futhi—futhi uPawulu wayeYibonile. Wayesethi, "Funa ngiziphakamise, ngizizwe ngiphakeme kakhudlwana kunabanye benu bazalwane, nganikwa isithunywa sikaDeveli," esilokhu simshiya abe phansi. Wayesethi, "Nganxusa iNkosi kathathu ukuba lisuke kimi. Futhi Yathi, 'Sawulu, noma Pawulu, umusa wami wanele.'" Wayesethi-ke uPawulu, "Ngizojabulela ukuzibonga ngobuthakathaka bami, ngokuba uma ngibuthakathaka ikhona nginamandla. Niyabo, ngiyojabula kubo!"

64 Manje, niqaphelile manje, indoda eyayikade inenkonzo enkulu ukwedlula noma ekabani wabo bonke ababekade besensimini, uPawulu, inkonzo enkulu ukwedlula zonke ezabo bonke, owayekade ebone uJesu eseNsikeni yoMlilo, futhi wamyala ukuba enze akwenzile, futhi wayeqinisekiswa nguNkulunkulu ofanayo, Amandla afanayo, nezibonakaliso nezimanga zingaphambili le kwanoma yimuphi umbuzo; futhi wayempofu kakhulu wayenebhantshi elilodwa kuphela, eshumayela esigejaneni sabantu esasingakhipha amehlo aso, nabanye babo bengosozigidi. Futhi nokho uPawulu wayenebhantshi elilodwa. Wathi, "Ulethe lelobhantsi, kuyabanda phezulu lapha." Wayesezweni elinezintaba. Wayenebhantshi elilodwa kuphela.

65 Futhi uDema, endodeni eyayingeyokuma okuphakeme, enomqondo onzulu ophakeme, iphucukile, ifundile, nesicebi esasinokuningi ukushintshwa kwezingubo, "Lowomfo, kwakukhona okungalungile kuye. Owayenabangane abaningi kakhulu ababengakhipha amehlo abo ukuba bamnike lona, futhi nokho wayempofu kakhulu wayenebhantshi elilodwa. Kukhona okwakungalungile ngoPawulu."

66 O, niyazi, lowomoya awusuki ezweni, basenawo ngaleyondlela. Imali ayisuye uNkulunkulu. Munye kuphela uNkulunkulu. Niyabo? Kodwa abantu bacabanga ukuthi ngoba unenkonzo enkulu ufanele ube nakho konke *lokhu* nakho konke *lokhu*, nazo zonke lezizinto ezinkulukazi, nezikole ezinkulu no '*bani-bani* abakhulu. UNkulunkulu akasebenzi kulezozinto.

Noma, okungenani, lowo bekungumbono wami. UNkulunkulu usebenzana nomuntu ngamunye. Akazange asigcobele ukuba sihambe senze izinto ezinjalo.

67 Kodwa uPawulu, enebhantshi elilodwa, futhi utshela uThimothewu lapha ukuba alilethe kuye ngoba kwakumakhaza phezulu lapho. Ehhe. Indoda eyayinenkonzo eyashumayela emashumini ezinkulungwane uPawulu akwenzayo, nenkonzo eyayikwazi ukwenza zonke izinhlobo zezimangaliso, futhi wayebone uJesu eseNsikeni yoMlilo, wamyala, futhi nokho wayenebhantshi elilodwa. UDema wathi, "Umfo onjalo," wayezosuka kuye.

68 Manje, ngenkathi ephezulu lapha eshumayela ngase Trowa, sithola ukuthi kukhona indoda phezulu lapho yayingumkhandi wethusi. Futhi yayiyishinga. Futhi yayibuzonda ubuKristu. Futhi yenze yonke into kuPawulu eyayingayenza kuye, yamphosa ejele. Futhi konke . . . ngisho noPawulu wamexwayisa uThimothewu ngento efanayo, "Umbhekisise lowomfo." Futhi nangu uDema! O Nkulunkulu, abantu mabakuzwe! Nakhu kwakumi uDema emi eduzane kwendoda eyashaya indoda ngobumpumputhe, ngenxa yokuphikisana naye. Manje, nina bashumayeli beChurch of Christ, yembathani amabhantshi enu manje. Ngake ngaba nomunye owake wangitshela, wathi, "Ngishaye ngobumpumputhe! Ngishaye ngobumpumputhe! Wena unoMoya oNgcwele, ngishaye ngobumpumputhe."

Ngathi, "Usuvele uyimpumputhe." Niyabo?

69 Manje, uPawulu akamshayanga ngani umkhandi wethusi ngobumpumputhe na? Uhlobo olufanayo lukamoya olukubantu olucabanga lokho, yinto efanayo eyayikuDema. Indoda eyakwazi ukushaya indoda ngobumpumputhe, ngenxa yokuphikisana nayo, futhi-ke iyajika iyeka umkhandi wensimbi ukuba one inkonzo yayo emzini. Akungabazeki uDema wathi, "Yena, usewashekile, uselahlekelwe yizo zonke iziphiwo zakhe. Use—uselahlekelwe yisiphiwo sakhe sokushaya ngobumpumputhe."

70 Aniboni ukuthi lowomoya usaphila kanjani, bathi, "Usuwashekile, mfowethu"? O! Nje kwe—kweqa ngaphezu kwekhanda labantu. Nje abakutholi, yilokho kuphela okukhona kukho. Niyabo? Nje abakwazi ukukubona. Niyabo? Abaqondi.

71 Manje uDema . . . akayishayanga leyondoda ngobumpumputhe ngoba wayefuna. Akashongo yini uJesu, "Angenzi lutho Ngize ngikhonjiswe nguBaba kuqala na"? Anginitshelanga yini eminyakeni eyedlula, ngomama wami uqobo wayelele, efa, futhi athi, "Bill, yini umphumela wami na?" Angishongo lutho uNkulunkulu waze washo njalo kuqala. Futhi yilokho nje okwenzeka. Umuntu angekwazi, umuntu uyisehluleki kwasekuqaleni nje. Uyisisebenzeli kuphela kulokho uNkulunkulu akusebenza ngaye, noNkulunkulu

usebenza indlela yaKhe uQobo. Kodwa uma nibona lababantu abaphakeme ohlala njalo ena *lokhu* na *lokho* no *kunye*, kungcono udede kukho. Niyabo? UJesu qobo lwaKhe akakwenzanga lokho. Wathi, "Ngisebenza kuphela njengalokhu uBaba esebenza. UyaNgikhombisa ukuthi angenzeni bese-ke Ngiyahamba ngikwenze. Ngeke Ngenza okunye. . . noma yini ngenye indlela kunaleyo."

72 Futhi lapha uDema wabona uPawulu, indoda eyayinenkonzo enjalo, futhi nokho wayempofu kakhulu ngangokuthi wayenebhantshi elilodwa kuphela, futhi wayefuna uThimothewu alilethe kuye. Ibhantshi elilodwa! Kodwa, uPawulu wenza isibonelo njengoba uKristu wayenjalo, Wayenebhantshi elilodwa. Pho yingani izingcebo nezinqwaba zezimali nezinto zisho okukhulu kangaka kubantu namhlanje na? Qaphelani manje. Futhi wayenamandla ngangokuthi noma yimuphi umuntu owayephambene nalokho akushumayelayo wajika wayesethi, "Uzoba yimpumputhe kube yisikhathi." Nendoda yaba yimpumputhe.

73 Futhi nakhu kwakukhona umkhandi wethusi, enze kashumi kuye kulokho leyondoda eyayikwenzile, futhi nokho yemuka nakho. UDema kufanele ukuthi wacabanga, "Awu, uyabo, umfo omdala usewashekile manje. Uselahlekelwe yinkonzo yakhe." Qhabo, qhabo, wayengalahlekelwe yinkonzo yakhe, lutho nhlobo. UNkulunkulu akazenzi izinto kanjalo. UNkulunkulu akasuye umuphi oyiNdiya. Ya. Qaphelani manje.

74 UPawulu wayengokuthize okusohlelweni njengoElija. UElija umprofethi wenyukela entabeni ngomyalo kaNkulunkulu, futhi wabiza umlilo ukuba wehle uvela eZulwini, futhi wehla. Futhi wabiza amanzi, futhi ayafika. Wayese-ke eyala ngomlayezo kaNkulunkulu futhi wabulala abapristi abangamakhulu amane, wabanquma amakhanda abo futhi wabadedela bagingqika behla egqumeni; wayese-ke ebaleka ngokusongelwa ngowesi—sifazane, owesifazane omncane oyedwa ongumzenzisi, noma, wayengumphikinkolo. UJezibele, lowo wesifazane omncane oyedwa owayenguyena owayeqhamile kukho konke nokunci kwakho, kwaba nguye owakubangelayo. Kwakubukeka sengathi wayezothola yena kuqala. Kodwa uNkulunkulu unezindlela zokwenza izinto, nezinceku zakhe zingasebenza kuphela uma isebenza ngokwentando kaNkulunkulu.

75 Aniboni yini, bangane, nifanele ninyakaze ngendlela kaNkulunkulu yokunyakaza. Kukangaki ngibeka futhi ngeluleka abazalwane, nokuthi ngithanda kangakanani ukuhamba ngiye ngale futhi ngibaxhawule bese ngithi, "Bazalwane, akwenzi-mehluko, asibe ngabazalwane nje ngokuhambisana." Ngingakwenza kanjani lokho futhi ngigcine ukuyalwa kwami, "Ushumayele iZwi"? Abafuni ukukwenza lokho.

76 Ngike ngama phakathi kwabefundisi, futhi bathi, “Mfowethu Branham, uanti wami ngapha. Ngiyazi ukuthi wena ungumprofethi othunywe evela kuNkulunkulu. Yana ngale ufike umenze ukuba aphinde abone.” Ngifisa sengathi bengingakwenza, bengingakwenza. Ngeke ngakwenza Aze angitshele ukuba ngikwenze. Niyabo? Akekho obengakwenza. UElija akakwazanga ukukwenza, akekho omunye owayengakwenza.

77 Manje sithola ukuthi uPawulu . . . uDema eshumayela noPawulu, wayembonile uPawulu ebona indoda elunyonga ilele lapho, wayesethi, “Ngiyabona ukuthi unokukholwa kokuba uphiliswe. Sukuma ume ngezinyawo zakho! UJesu Kristu uyakuphilisa.” Wayembonile ephilisa abagulayo, futhi nokho uyamshiya umngane wakhe uThiyofilu egula.

78 “UPawulu ulahlekelwe yinkonzo yakhe.” Cishe yilokho uDema okufanele ukuthi wakucabanga. “Ubengakwenzi ngani, uma ubenesiphiwo sokuphilisa, akenyukelanga ngani lapho bese ephilisa lowobhuti owayeme ngakuye ngokwethembeka okungaka na? Wathi, ‘Ngimshiye phezulu lapho egula. Futhi anginalo ibhantshi, futhi ngifuna ungiphathele lelobhantshi. Futhi umgade lwomkhandi wensimbi, wavele wawona nje lowomhlangano edolobheni. Ngadingeka ukuthi ngisuke edolobhaneni. Wangifaka ejele.’” Sengathi ngiyambona uDema ethi, “Hlobo luni lomshumayeli lolu oseluphenduke lwaba yilo na?” Niyabo?

79 Futhi, mfowethu, banenqwaba yaleyomimoya kaDema ezweni namhlanje. Abazi ukuthi konke kumayelana nani. Niyabo? Akukho sidingo sokuzama ukukuchaza kubo, ngoba ngeke bakuthole empeleni. Niyabo? Niyabo? Inceku kaKristu ilandela amanyathelo eziNyawo.

80 Omunye wabadikoni bakithi lapha, angazi noma ukhona yini lapha kulobubusuku noma qha, nguTony Zabel. Uvamise ukuba khona lapha. Futhi wafika kimi wayesethi lapha esikhathini esingeside ngaphambi kokuba athole—eze ngapha, wathi—wathi, “Nga—ngaba nephupho, iphupho elixakile.” Wathi, “Nga—ngaphupha ngizama ukuthola indlela yami eqonde phezulu ngaseZulwini.” Wathi, “Ngibone indoda iza yembethe ingubo ende emnyama futhi ya—ya—yayifunda incwadi.” Wayesethi, “Nga—ngafika kulendoda, ngase ngiyibuza, ‘Yiyiphi indlela eya eZulwini na?’ Yayisithi, ‘Buza indoda engaphambi kwami.’” Nalowo kwaku—kungumelusi webandla ayeyeye kuye.

81 Wahamba wathi ukuqhubeka kancane wayesehlangana nenye indoda, yayembethe ingubo ende emnyama futhi yayicula amaculo, iqhubeka. Nalowo kwakungomunye umelusi. Bobabili abelusi bangabangane abaqondene nami. Wayesethi . . . Indoda enomoya omuhle. Wayesethi, “Yiyiphi indlela engikhuphukela ngayo esiqongweni sentaba lapha na?’ Yathi, ‘Buka lapha.’

Yathi, 'Uyabo, omi le phezulu lapho esiqongweni, lowomfo omncanyana na?' Ngathi, 'Yebo.'" Yathi, "Nakho kumi umfo egqoke iovaloli nesinye salezo sesigqoko samakhawa."

82 Omunye wathi, ezansi eKentucky, wathi, ekhuluma ngami ezansi lapho, wathi, "Lowomfo ubukeka efana nanoma yini kodwa ungumshumayeli." Ngahle kube umlimi noma enye into, kodwa—kodwa, niyazi, akusikho ukubukeka.

83 Futhi wathi kwakuyimi ngimi phezulu lapho. Futhi wa—wakhwela waze wafika kimi, wayesethi ngambamba ngengalo ngase ngimholela phezulu ngaze ngafika esiqongweni segquma. Futhi kwakukhona ihlane okufanele kwedlulwe kulo. Ngase ngithi, "Tony, kufanele ngikushiye lapha futhi ufanele uzihambele ngesingawe kokunye kwalokhu."

Wathi, "Mfowethu Branham, ngingenzenjani ukusukela lapha kuqhubeke na?"

84 Ngakho ngathi, "Woza lapha, Tony, bheka phansi lapha. Uyayibona leyomikhondo yabahamba ngezinyawo ineGazi kuyo na?" Ngathi, "Yilokho ebengikulandela yonke indlela. Hlala kuLokho nje." Yileyonto kuphela engiyaziyo ukukhomba umuntu kuyo; hhayi esivumwenikholo noma amadlingozi ohlobo oluthile, kodwa kulawoManyathelo anegazi akuholela eBhayibhelini, iGazi likaJesu Kristu.

85 Manje, ingabe indoda yazizwa injani, indoda enabangane abaningi kakhulu abangosozigidi, nebhantshi elilodwa. Indoda eyayi . . . eyayinamandla ukushaya umuntu ngobumpumputhe, futhi yayekela indoda iyixoshe iyikhiphe edolobhaneni. Ayangenza-nto ngakho, yasukuma yase iphuma. Yakhulekela abagulayo futhi yayishiye umngane wayo egula. NoDema wayishiya. Bonke abanye babo bayishiya. Bonke bayishiya. UPawulu wathi, "Wonk'umuntu ungishiyile." Bonke bamshiya.

86 Ngisho lokhu. Uma indoda ima iqinisile eZwini, hhayi nje emhlanganweni owodwa, kodwa kuyo yonke imihlangano, uma indoda ima iqinisile eZwini, isikhathi siyofika lapho beyoyishiya khona. Impela. Bakwenza. Bakwenza eNkosini yethu. Bayoyishiya uma imela iQiniso. "Wonk'umuntu ungishiyile." Futhi manje ucabanga ukuthi uDema nabanye babo indoda bacabangani nxa sazi sonke, esazi umBhalo, ukuthi uLuka wayengudokotela, futhi uPawulu, noma yikuphi la ayeya khona, wayehamba nalodokotela na? Futhi eshumayela ukuphilisa kukaNkulunkulu, futhi eshiya umngane wakhe egula. Empofu kakhulu, wayenebhantshi elilodwa. Futhi wayekela indoda yamxosha yamkhipha edolobhaneni, kanti wayekwazi ukushaya indoda ngobumpumputhe. Niyabo, babecabanga ukuthi wayesewashekile. Kodwa wayengawashekile! Wayekhona impela eManyathelweni anegazi. Wayelandela kuwo. Ngiyethemba niyaqonda. Wathi, "Wonk'umuntu ungishiyile."

87 UDema, ethanda lelizwe lamanje, ukuthandwa ngabantu komuntu. "Halo, Dokotela uDema. Ngiyazi unePh. yakho!"

88 O, impela, bayakuthanda lokho. UJesu wathi, "Nithanda kanjani ukuma emasinagogeni, futhi nibizwe ngo 'Rabi,' kanjalonjalo." Wathi, "Kuphela nemukela ukulahlwa okuningi." Niyabo?

89 Manje, siyazi ngenkathi bebone lodokotela emlandela, noma ekanye naye, futhi uPawulu wathatha uLuka, wathi wathi—wathi lapha, "ULuka ngu—uLuka nguye yedwa kuphela ongangishiyanga." NoLuka mu—muhle kuye. Kodwa uLuka uyaphumelela kuye. Udinga uLuka enzela inkonzo yakhe. Nalodokotela elokhu elandela indoda noma ngaphi la yayiya khona, futhi yashumayela ukuphilisa kukaNkulunkulu. Nendoda eyashumayela ukuphilisa kukaNkulunkulu yayikwazi ukuphilisa abayizishosha futhi ivuse abafileyo, nakho konke okunye, futhi ibone imibono emikhulu, futhi ikhulume izinto ezazifezeka, futhi yashiya uzakwabo emsebenzini impela egula. Futhi yayingaba namadola ayisigidi futhi yakhe izakhiwo ezibiza amashumi ezinkulungwane zamadola, nezikole ezinkulu nezinto ezinjalo, kodwa ingenalo ngisho kuphela ibhantshi elilodwa vo ukuba ilicabeke emhlane wayo.

90 UDema wathi, "Angizimatanisi nomfo onjalo. Nje uyi—ungumuntu wezinga eliphansi. Ngizokwenyuka nabazalwane basehlelweni. Ngizokwenyukela lapho engizoba ngumuntu othize khona." Uma kwakuyinto enjalo, ngithanda ukuhamba, futhi emva nje kokuba uBaxter eseqedile, niyabo, ngokushiya lowomfo omncane ompofu ekulesosimo. Wayefanele ame ngakuye. UPawulu kwaba nguye owamholela kuKristu. Kodwa, niyabo, kungaphandle kokwazi uMoya, ukwazi ukuthi intando kaNkulunkulu iyini bese-ke wenza intando kaNkulunkulu. Niyabo? Manje, kodwa lapho yamshiya ekulesosimo. Wamshiya! Bonke abantu bangishiyile.

91 Ngicabanga kanjani ngalokho! Ukuthi ikanjani inceku eyoma ngeqiniso eZwini, masinya noma kamuva, khumbulani nje, abantu bazoyishiya. Manje, sifuna ukushaya lokho okwemizuzu embalwa nje, futhi ngeke ngisanihlalisa isikhathi eside manje, ngoba nginifuna lapha ekuseni. Njalo uma inceku kaNkulunkulu ima ngeqiniso eZwini, bonke bayayishiya. Futhi ku. . . Manje, nje thatha noma yikuphi okufunayo, noma ngasiphi isikhathi eBhayibhelini noma emlandweni, ukuthi uma indoda ihlale ngeqiniso, akunandaba ukuthi yayithandwa ngabantu kangakanani, uma ihlale ngeqiniso eZwini, isikhathi siyafika lapho izwe lenkolo laliyishiya khona futhi liyinqume. Manje, kufundeni nje lapho nithatha iBhayibheli kusukela kuGenesisi ngale kuya eNcwadini yeSambulo, bese nikucosha eMkhandlwini waseNayisiya wangaPhambilini bese nikuthatha nikuyisa phansi koBaba

baseNayisiya, futhi wonk'umuntu, wonke ongcwele, wonke umprofethi, yonke inceku kaNkulunkulu yeqiniso eyayihlala neZwi, yayishiywa yinto yabefundisi futhi ilahlwe phansi. NoPawulu wayengomunye wabo.

92 Futhi uma ubengahle abekhona oyedwa namhlanje, bekungaba yinto efanayo. Kuyiqiniso impela. Ufanele unqwamane naleyondawo. Ifanele ifike. Bacabanga ukuthi indoda engaba nenkonzo enjalo, ifanele ibe nezwe libe phansi kwesithupha sayo ngqo. Ifanele, kodwa bangeke beze babe ngaphansi kwesithupha sayo. Niyabo? Nendoda enjalo ibingeke ibeke inkonzo, izwe phansi kwesithupha sayo; ibizoyibeka phansi kwesithupha seNkosi yaYo, ngoba ayikho lapha izimele yona, imele iNkosi yayo.

93 Niyazi, umuntu uzama ukufuna udumo komunye, futhi bayadumisana, futhi bamhlazise uNkulunkulu ngokwenzenjalo. Niyabo? Sizama futhi senze abantu abakhulu phakathi kwethu, futhi uma singesibo abantu abakhulu futhi singabantu abancane, sonke singabantu abancane. Munye kuphela Omkhulu phakathi kwethu, futhi lowo yiNkosi yethu. Niyabo? Futhi senza inhlangano yethu ibenkulu kakhulu kunoNkulunkulu, "ibandla elingcwele elikhulu la *lokhu, lokho,* noma *okunye*, ababhishobhi abangcwele abakhulu," kanjalonjalo. Azikho izinto ezinjengalokho. Lolo wudumo lomuntu. Munye kuphela ongcwele, futhi lowo nguNkulunkulu. NoMoya oNgcwele, onguNkulunkulu, uphakathi kwethu. Akusithi esingcwele, nguMoya oNgcwele okithi. Akusikho . . . Uma sibona izinto zenziwa, akusithi esenzayo, nguMoya oNgcwele. UJesu wathi, "AkusiMi owenza imisebenzi, nguBaba waMi. Uhlala kiMi, futhi NguYe owenza imisebenzi." Futhi akusuye o—okwenzayo. Kulungile. Kodwa sithola lezozinceku zeqiniso kusukela phansi esikhathini.

94 Manje nansi into engifuna ukuthi nje ukuzejwayeza yona imizuzwana embalwa. Manje, ngokuvamisile esikhathini esinje njengalesi lapho umuntu wayehlale ngokweqiniso eZwini nabo bonke abantu bemshiyile uNkulunkulu aze angene ekuvikelweni kwalowomuntu bese eyiqhelisa ngomqhele inkonzo yakhe. Niyabo? Kunjalo. Induduzo enje pho. Induduzo yethu yakhelwe esithembisweni seZwi likaNkulunkulu. Akunandaba ukuthi izwe lithini, ukuthi izwe lenzani, lokho akusiwo amathemba ethu, alakhelwe kulokho izwe elikwenzayo.

95 Ngicabanga ukuthi leloculo lihle kabi. Ngifisa sengathi bengingacula. Bengihlala njalo ngikufuna ukucula. Niyabo? "Labo abalinda eNkosini, bayothola amandla amasha, bayokhuphuka ngamaphiko njengokhozi, bayogijima bangakhathali, uma behamba abayikuphela amandla; ngifundise, Nkosi, ukulinda. Ngifundise, Nkosi, ukulinda phansi ngamadolo ami." Ngiyakuthanda lokho. "Futhi ngesikhathi

saKho uQobo esihle Uyophendula izinxuso zami; ngifundise ukuba ngingethembeli kulokho okwenziwa abanye, kodwa nje ngilinde emkhulekweni impendulo evela kuWe." Yilokho-ke. Leyo yinceku yeqiniso elindela isikhathi seNkosi yayo, yazi lokhu, ukuthi imiBhalo ingehluleke kungakhathaleki ukuthi kwenzekani. UmBhalo uzofanele ume uqinisile. Esikhathini esinjengaleso, kungalenkathi uNkulunkulu ngokwejwayelekile engena khona ukuba azisize.

96 Ake sibuke uElija ngenkathi wayekade eshiyiwe. Ngani na? Ngoba wayehlale ngokweqiniso eZwini. Wathi, "Bonke abantu bangishiyile." Futhi wakhishelwa ngaphandle emphakathini, enhlanganweni, ngisho nasenhlanganweni kazwelonke, noma, ibandla likazwelonke lakwaIsrayeli, umpristi nabo bonke babemjikijele ngaphandle, futhi wayengenalo ngisho ibhantshi kakhulu njengoPawulu, kodwa isiqephu esincane sesikhumba semvu, noma, isikhumba esigqokile ezisonge ngaso, futhi wahlala phezulu entabeni futhi wayondliwa yizinyoni. Yebo, mnumzane. Ngani na? Ngenxa yeZwi likaNkulunkulu, ngoba wayeqinisekile ku ISHO KANJE INKOSI. Manje bonke sebehambe baba yisimodeni. Inenekazi lokuqala lezwe, uJezibele, wayekhiphe konke okwezimfeshini nezinto. Nabapristi base bezinikele kukho kanjalonjalo, nabo bonke ababashumayeli kanjalonjalo, baziqondanisa nakho. Kodwa hhayi uElija, wahlala ngokweqiniso kuleloZwi. Futhi washiyelwa into enjalo, waze wamemeza kakhulu, "Nkosi, yimina ngedwa engisele, futhi sebefuna nokuphila kwami."

97 Kodwa uNkulunkulu umnikeza induduzo, wathi, "Ngisenezinkulungwane eziyisikhombisa ezansi lapho."

98 Niyabo, angikholwa ukuthi uElija wazizwa ekhukhumele ngalokho, ukuthi kwase kunguye kuphela, kodwa ngicabanga ukuthi nje wayeseshiywe kakhulu. Kwakuthi njalo uma enyukela kumpristi ukuyobamba umhlangano, babemxosha. Wayehlela lapha, "Phuma lapha, wena luhlanya! Phuma lapha! Hamba wenze *lokhu*!" Kwakhombisa ngenkathi uElisha efika, owathatha isikhundla sakhe. Awu, benzani na? Baze ngisho ba. . . Umfo osemncane wayenempandla, futhi bathumela abantwana babo abancane ukuba bahlekise ngalabo "waka" abadala. Bathi bobabili wayethathwa njengowaka, bathi, "Mpandl'endala! Mpandla, awenyukanga ngani njengoba kwenza uElija na?" Abakholwanga ukuthi wenyuka. Ehhe. Niyabo? Nje bacabanga ukuthi wayeyisigejane sowaka. Kodwa babeqinisile eZwini, nenkonzo eqinisekisiwe. UElija wama. Kulungile.

99 UDanyeli wathatha isinqumo esiqinisileyo. Niyazi ukuthi ngikutholaphi lokho kuDanyeli 12, noma uDanyeli 9, yikhona. Uma u. . . UDanyeli wathatha isinqumo esiqinisileyo seZwi. Kwenzekani kuye na? Ngenkathi eyindoda eyisekela

lenkosi, kodwa wathatha isinqumo esiqinisileyo seZwi, futhi wakhishwa futhi waphoswa emphandwini wezingonyama. Indoda kaNkulunkulu imi iqinisile eZwini!

100 Abantwana bamaHeberu bahlala ngokweqiniso eZwini, phansi kwesimemezelo senkosi ukuthi "noma ubani ongayikukhothama kulesosithombe uma ukukhala kwehabhu namacilongo kubethwa, kanjalonjalo, noma ubani ongayikukhothama esithombeni sethu uyophoswa esithandweni somlilo," futhi basifulathela isithombe. Futhi ba—ba, kungakhathaleki ukuthi baba ngabangathandwa kangakanani ngabantu, kungakhathaleki ukuthi babeyokhishwa kanjani emphakathini, bahlala ngokweqiniso eZwini. Ngiyakuthanda lokho.

101 UJakobe, omunye. Wayene. . . wayekade engekho ekhaya isikhathi eside, futhi waba nobizo ukuba aye ekhaya ayobona abantu bakubo. Futhi wayesendleleni yakhe, eqinisekile obizweni lwakhe, eqinisekile ekuholweni kwakhe. Wayenezinto zikahle ngapho, kodwa uNkulunkulu uqala ukusebenzana naye ukuba aye ekhaya. Futhi, esendleleni yakhe ebheke ekhaya, waphoswa phakathi kwezindawo ezimbili ezimpintshile. Umkakhe nabantwana bakhe ngakulelicala; nomfowabo owayemzonda, uEsawu, eza lapha nempi ukuba adibane naye. Futhi wama emfudlaneni omncane, umfudlana iPeniyeli lapho, futhi wama lapho. Futhi isimo esinje pho! UEsawu, emzonda, eza nempi ukuzodibana naye, nakhu kwakukhona umkakhe, abafazi ababili nabantwana bonke bengakulelicala lomfudlana, futhi wabambeka endaweni empintshile. Ngani na? Ngoba ukuba wayekade ehlale ezweni lakubo uqobo kwakuyoba kahle. Kodwa wayenobizo, iZwi likaNkulunkulu lalimbizele ekhaya lakubo lendabuko. Haleluya! Nkulunkulu busisa indoda. Yathola uguquko, futhi. Yebo, mnumzane.

102 UJesu, eqinisile eZwini likaBaba, "Ngenza kuphela lokho uBaba akushoyo. Kulotshiwe ukuthi, 'Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kepha ngawo onke amaZwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu.'" UJesu, eqinisile njalonjalo kuleloZwi, kufika isikhathi lapho Elahlekelwa yibo bonke abangane Ayenabo. Bonke beMshiyile futhi bamuka. Bonke. Nabantu baMbona ebhuqwa, ehlekwa usulu, balahlekelwa ukuMethemba. "Bekungenzeka kanjani ukuthi umuntu owayekwazi ukukhuluma nomuntu ofile ethuneni futhi amvuse, bekungenzeka kanjani ukuthi umuntu obekwazi ukusho izehlo zingakenzeki zibe semgqeni futhi angabi nakho. . . angehluleki neze, futhi wahlala emagcekeni nobuso baKhe bopha ekuhlutshulweni kwentshebe, nesikhwehlela sika [gaumiest] odakiweyo emabuthweni sehla ebusweni baKhe, nendwangu ekhanda laKhe, futhi beMshaya ekhanda ngenduku, futhi bethi, "Profetha futhi usitshele ukuthi ubani oKushayile,

futhi sizokholwa." Awu, abafundi bavele basuka bahamba, bathi, "A."

103 Niyabo, ba [froget] masinyane ukuthi uNkulunkulu wenzani! Ukuthi uMose washo kanjani oLwandle oluBomvu, ngenkathi ema lapho wayesethi, "UNkulunkulu wenze izimangaliso eziyishumi ezigqamileyo, ngabe nisalokhu nishinga kakhulu ukuthi anazi ukuthi Usenguye uNkulunkulu na?" Wehlela lapho wayeseshaya amazwe, wa—wabeka isiqalekiso emazweni. Waletha amaxoxo, amazeze, izimpukane, yonke into, noku—kuqhuma okwabulala onke amazibulo, nengelosi yokufa yedlula ezweni, futhi nokho labobantu babengafuni ukumlandela oLwandle oluBumvu. Kushesha kanjani, kuthi nje masinya ukuthandwa kwakho ngabantu . . . Ngenkathi bebone lemikhonto emikhulu ebenyezelayo yamadoda ayikhulu lezinkulungwane eza kanjalo, noma mhlawumbe, ya, mhlawumbe amadoda ayisigidi eza, noma umdumo wezinqola zamahhashi nothuli luthunqa, bavele badela base bewela nyovane, "Futhi, Mose, sasifanele sifele emuva lapho." Niyabo? NoNkulunkulu wathi Wabayekela bafela ehlane ngokungakholwa. "Mose, inkonzo yakho isiwashekile, kuyilokho kuphela. Awusekho." Niyabo, abaqondi. Abakutholi.

104 Futhi manje nento efanayo yayinjalo ngenkathi uJesu, uRabi osemncane noma uMfundisi, noma umProfethi waseGalile, ngenkathi Enza zonke lezozimangaliso nezinto, "Wayengake Aze ame kanjani futhi ahambisane nento enjengaleyo na? Wayengamvumela kanjani umuntu aMbophe ngamaketango, kanti Wayekwazi ukugqabula uphawu ethuneni futhi avuse umuntu ofileyo ephuma ePhakadeni na? Wayengakwenza kanjani, kanti Wayekwazi ukukhuluma endodaneni eyayifile ishwabene wayivusa ukuba iphile futhi; noLazaru, esefile futhi ebolile ethuneni, futhi amkhiphe na? Wayengama kanjani, athi, 'NginguukuVuka nokuPhila, Okholwa yiMi noma efa wophila. Ophila akholwe yiMi akasoze afa.' Futhi ame futhi aboshwe ngamaketango futhi aphinyiselwe ebusweni, futhi angavuli umlomo waKhe na"? Abafundi, "Uselahlekelwe inkonzo yaKhe." Ya, kuhamba ngaleyondlela-ke. Nkulunkulu, lelizwe elimpofu!

105 Ngisho nebandla laKhe, abayishumi nambili Ayethokozile ngabo futhi wabatshela konke, futhi wabathanda, baMfulathela. Munye kuphela owama ngakuYe, lowo kwakuyindoda uJohane. Khona impela ehoreni lapho yonke into yabe isihambile, nawo onke amathemba lingasekho, lapho waboshwa, wase enyuselwa lapho futhi wabhuqwa futhi waphinyiselwa, futhi babeka umhlane waKhe a . . . bengazi ukuthi lokho kwagcwalisa imiBhalo.

106 Awu, anazi yini ukuthi izinto ezenzekayo namhlanje kugcwalisa imiBhalo impela ncamashi na? Kungani abantu

bevumela...basho lezizinto na? Kungani lamahlelo edlanga na? Akwenzelani lokho na? Kulotshiwe emiBhalweni ukuthi bayokwenza. Bahamba bangene kukho ngqo futhi bakwenze bona uqobo, bephuphuthekile futhi bengazi ukuthi bayakwenza. Nicabanga ukuthi uJuda wayazi yini ukuthi wayedlala ingxenye kaJuda na? Nicabanga ukuthi uFaro wayazi yini ukuthi udlale ingxenye, noNkulunkulu wamvusela leyonhloso na? Nicabanga ukuthi uIsawu wayeyokwenza izinto azenza na? Impela qha. Wathi, "Banamehlo futhi ababoni, izindlebe futhi abezwa." Kodwa bhekisisani umBhalo, Uyasombulula. Niyabo? Sisesikhathini sokuphela. Kufanele kube ngalendlela.

107 Manje, ibandla laKhe liMshiyile. Wonke umuntu nemvelo iMshiyile. Ukhuluma ngomuntu oshiyiwe, uPawulu wayengenakushiywa nhlobo kulokho ayenakho Yena. Ngisho nokudaliweyo impela Ayekudalile kwakuMshiya. Inyanga nezinkayezi nelanga, nakho konke, kwacimeka. Umuntu, uNkulunkulu, imvelo nakho konke kwaMshiya, akukho okumi lapho, Wafa yedwa. Ngabe Walahlekelwa yinkonzo yaKhe na? Wayegcwalisa inkonzo yaKhe, engalahlekelwa yiyo. Lokho kuhamba nayo. Yileyonto eyenzekayo. Lokho kufanele kuhambe nayo.

108 Manje, yonke into iMshiyile. Kodwa kwakungalesisikhathi lapho uNkulunkulu angena khona esigcawini, ngoba wonke umuntu owazi iZwi uyohlala neZwi, azi ukuthi iZwi linguNkulunkulu. Niyabo? NeZwi lifanele Lizisombulule lona. IZwi elingehlulekiyo lifanele Lizisombulule lona. Lifanele, ngokohlelo, ngoba iZwi linguNkulunkulu. Futhi uma Lasebenza kwabanye konke kusukela phansi onyakeni, Lizosebenza ngendlela efanayo khona manje, ngoba LinguNkulunkulu. Ningalokothi nikukhohlwe lokho. Ngokuba uJesu wayazi ukuthi Yena engukugcwala kweZwi, Wayengesuye umProfethi kuphela, WayenguNkulunkulu uqobo laKhe. WayeyiZwi. Yingalesosizathu kungesuye umuntu kuphela owaMshiyayo, kodwa futhi nemvelo yaMshiya. Konke okudaliweyo kwaMshiya, yonke into, izinkanyezi, inyanga, futhi kungekho kukhanya ngenkathi Efa. Yonke into iMshiyile, niyabo, ngoba WayenguMdali wezinto zonke. "Wayesezweni, nezwe lenziwa nguYe, nezwe aliMazanga." Niyabo? WayenguMdali wezinto zonke. Izinto zonke! Manje, into kuphela, ukuthi a—asidali kodwa sizama ukuguqula, nalabo esizama ukubaguqula yilabo oshiyayo futhi asuke ahambe. Niyabo? Uma kufika isikhathi seZwi ukuba lenze ukuzibonakalisa kwaLo kwangempela, kufanele kube ngaleyondlela. Manje, khumbulani nje, kwakungaleyonkathi lapho uNkulunkulu engena khona esigcawini.

109 Futhi empilweni yeNkosi yethu uJesu, imisebenzi yamandla Ayenzile okonyaka wokuqala nezinyanga eziyisithupha kwempilo yaKhe, o, Wayengumuntu omkhulu kanjani!

Kwakungekho lutho neze olunjengaYe emhlabeni, lwalungekho neze selokhu kwasukela, alusoze lwabakhona kamuva. Kodwa kwenzekani na? Wathola okuningi kakhulu ukubhuqwa kunanoma ubani, bonke abanye behlanganiswe ndawonye. Wabhuqwa yimvelo futhi wabhuqwa ngokudaliweyo, wabhuqwa yinto yonke, ngoba kwakusesimweni esiphendukezelwe. Yingalesosizathu inhliziyo yabantu yayibhuqa inceku kaNkulunkulu yeqiniso, ngoba kuphendukezelwe. Imvelo iphendukezelwe, yingalesosizathu.

110 Uma imvelo iyinhle kakhulu njengoba injalo, iphendukezelwe, iyoba njani uma isithola ukuguqulwa ibuyiselwe entandweni kaNkulunkulu na? Uma izwe lingathela amagrebhisi okuthatha indoda amabili ukuwentshatha, kuyoba njani, nokuthi lelozwe eliphendukezelwe, liyoba njani lapho seliguqulwa libuyiselwa kuNkulunkulu na? UKristu uyafika, ugwadule luyoqhakaza njengembali. Luyoba ngukuguquka. Nezindawo ezomile ziyogxuma emanzini, nomhlaba uyohluma futhi uqhakaze. O, leso kuyoba yisikhathi, futhi lapho izinhliziyo zomuntu ziyoguqulelwa ekubeni umuntu onokumesaba uNkulunkulu, lokho bekungukwenza ukuzikhethela manje, bayophila kuleyondawo. Amen.

111 "Kulelohora elimnyama amadwala adabuka phakathi nezibhabhaka ezibamnyama," kwasho imbongi, "uMsindisi wami wagobisa ikhanda laKhe wafa; iveli elivulekile lembula indlela eya ezinjabulweni zaseZulwini nosuku olungapheliyo." Wadingeka ukuthi akwenze lokho ukuze asenzele indlela. Kunjalo. Kodwa wenzani uNkulunkulu na? Wayeqinisekile eZwini futhi Wagona isiphambano. Kodwa ngabe kwakungukuphela kwenkonzo yaKhe na? Ngabe inkonzo yaKhe yawasheka na? UNkulunkulu wayithwesa umqhele omkhulu kunayo yonke eyayingathweswa umqhele. Wayithwesa umqhele ekuseni ngePhasika, ekuvukeni. Wethwesa umqhele inkonzo yeNkosi yethu uJesu, Wavuka kwabafileyo futhi uyaphila kuze kube phakade. Akawashekanga ngoba wonke umuntu waMshiya, wethweswa umqhele! Yebo, mnuzane. Yebo, mnuzane. Wethweswa umqhele ngenxa yokuthi Waye, wayekade eshiyiwe, futhi Ufanele akwenze lokho ngenkathi EMvusa kwabafileyo.

112 Kwakufana nakuElija. Sikhulumile ngaye emizuzwaneni embalwa edlule. UElija, lowo mprofethi owayesehlakazekile omdala ozihluphekelayo elele phandle lapho ehlane, futhi wayefanele ondliwe ngalokho izinyoni ezazimlethela khona. Nomdadlana wakhe odonsekile osumathambo, umzimba obukeka usunsundu, uphiso oluncane lwamafutha lulenga ohlangothini lwakhe, ubuhwanqa bakhe bonke buphumile, nekhanda mhlawumbe linempandla futhi lishiswe yilanga, ehamba eqhugela ebheke ezansi nenduku *kanje*, kodwa phansi ngaphansi kwaleyonhliziyo endadlana kushaya uMoya

kaNkulunkulu. Ngenkathi uNkulunkulu ebone inceku yaKhe endadlana isikhathele yehlela ekupheleni, wonke umuntu eyishiya, nakho konke okunye, ngabe Wayenzela phansi na? Wathumela inqola yamahhashi phansi, waqukula inceku yaKhe eyayisikhathele, "Awudingi ngisho nokuba wenyuke njengoba kwenza uEnoke, Ngizokuthatha nje ngikuyise ekhaya ngenqola yamahhashi." Kunjalo. Wayethwesa umqhele inkonzo yakhe ngokugibela inqola yamahhashi eya ekhaya. Lokho akukubi kangako niyazi. Ya. Yebo, akadingeka ukuba ahambe aye ekhaya, Wathumela nje inqola yamahhashi wayesemqukula ngoba wayesekhathele. Ngiyakuthanda lokho. Amen. Ezihluphekelayo, encane, inceku esikhathele endala, Wayiqukula wayeseyithatha eyisa eKhaya.

113 Futhi ngesikhathi nje uDanyeli ama ngaso ngokwethembeka kakhulu kuNkulunkulu, ngangokuthi wangena . . . Bathi, "Leyondoda, niyazi, yake yaba umfo omkhulu kulombuso. Isitshele zonke izinhlobo zezinto. Futhi ingenise izanusi yazifundisa izinto." NamaMede-Peresiya nokuthi ukwenze kanjani. Kodwa phansi kokubusa kukaDariyu, kwaba nguDanyeli owahlala ngokweqiniso kuNkulunkulu. Kwaba nguDanyeli owahlala neZwi likaNkulunkulu futhi akangalixubanisa nalutho olunye. Wayesethi, "Awu, inkonzo yakhe isiwashekile, ngoba ngibonile ephepheni lendawo, uzophoswa emphandwini wezingonyama ezinsukwini ezimbalwa." Uya ejele leNhlangano yamazwe, noma okunye, niyabo. "Kodwa sizomphosa emphandwini wezingonyama." Kodwa wenzani uNkulunkulu na? UNkulunkulu wabeka uphawu inkonzo yaKhe ngokuguquka kwenhliziyo yenkosi, lowo Dariyu wathumela ezilimini zonke, abantu ezweni lonke, ukuthi wonke umuntu ufanele esabe kuNkulunkulu kaDanyeli, ngoba WayenguNkulunkulu owayekwazi ukukhulula. Amen.

114 Ngakho, niyabo, kungalesosikhathi lapho abantu beshiya khona umuntu, izinceku zikaNkulunkulu ezihlala ngokweqiniso eZwini, uNkulunkulu abeka khona uphawu inkonzo yazo ngesikhathi sokwethwesa umqhele.

115 Yebo, kwakungabantwana bamaHeberu phani kokubusa kukaNebukadinezari, ngenkathi bengasikhothameli isithombe. Bahlala ngokweqiniso kuNkulunkulu ngoba iZwi likaNkulunkulu lathi, "Ningakhothami phambi kwesithombe, ukuba nisikhonze." Bahlala ngokweqiniso eZwini. Futhi kwakusephepheni lendawo, ezindabeni, konke mayelana nakho, noma ngabe kwakuyini ngalezozinsuku. Babenezindlela zokusabalalisa izindaba. Hhayi ephepheni lendawo, kusobala qha, ngiyakusho nje ukuze nibe nawo umqondo. Kodwa kwakuphakathi lapho ababezobashisela khona esithandweni somlilo sishisiswe ngokuphindwe kasikhombisa. Izinsuku ngaphambi kwalokho, baphosa phakathi yonke impahla ukwenza isithando sishise kakhulu ngangokuthi sasishisa

kakhulu ngokuphindwe kasikhombisa, sashisiswa kwaze kweqa ngokuphindwe kasikhombisa. Ngani, sasingabaqothula, ukungena emayadini ayikhulu aso. Kodwa bahamba bayongena ngqo esithandweni somlilo, futhi baphuma ngqo bengenalo ngisho nephunga lomlilo kubo. NoNebukadinezari wathi, "Wonke umuntu ohluleka ukukhonza loNkulunkulu, makuthi abantwana bakhe naye babulawe, indlu yakhe ishiswe futhi yenziwe izala." Kunjalo. Niyabo? U . . . Babenemvuselelo yomhlaba-jikelele ngoba babeqinisekile eZwini. Yilokho okwenzekayo. Yebo, mnumzane. Hlala ngokweqiniso eZwini, yebo, futhi njalo kuyakhokhela ngokumangalisayo.

116 UJakobe, sike samphatha esikhashaneni esedlule. Nginegama lakhe libhalwe phansi lapha. Nangu wayelapha, igwala elincane, kodwa wayehlala. Wayemesaba uEsawu lapho. He, he! Futhi wayazi ukuthi wayeqhelile kuNkulunkulu. Wayekade eqhelile kuNkulunkulu yonke leminyaka, kodwa wayezama njalo ukuhlala eqinisile kuleloZwi. Nalapha uNkulunkulu wambiza wayesemtshela ukuba aye ekhaya kubo. Lapha wayekhona impela emgqeni womsebenzi, futhi kwakukhona uEsawu nempi. Kwakungalesosikhathi aguqulwa egameni lika *Jakobe*, "onamacebo, onamahloni," kuJakobe . . . "inkosana phambi kukaNkulunkulu," ngenkathi ephuma ngakusasa, nenkonzo yakhe isithweswe umqhele. Waphuma ngqo futhi wahlangana noEsawu, futhi wayengafuni-sizo kuye. Amen. Ukuqiniseka eZwini. Yileyondlela uNkulunkulu enza ngayo izinto, ayisiyo na? We—Wenza izinto ngendlela okungeyaKhe uQobo. Kulungile.

117 Abaningi babazalwane bami, banokukhulu ukuthandwa ngabantu namhlanje phakathi kwabazalwane babo bamahlelo. Khuluma igama elilodwa nje, mfana, futhi kunjengomlilo, noma yikuphi, kunjalo, shono leligama elithize lalomuntu. Futhi, empeleni, ngenkathi iNkosi ikhuluma kimi ezansi emfuleni ngalolosuku, yahola leyomvuselelo umhlaba jikelele, ukusuka lapho kuvela bonke balabo bavangeli abakhulu.

118 Babuyela emuva ngqo nabazalwane babo, niyabo, lawomahlelo abaphuma kuwo. Bayaphuma lapha bese bebamba lomhlangano, oxubene namahlelo, bese bebuyela ngqo emuva kuwo futhi. Banenqwaba yokufumana umusa, amagama amakhulu emsakazweni, amaphepha, nakho konke okunye. Wonke umuntu ukhuluma kahle ngabo.

119 Kepha wonke umuntu ungishiyile ngoba ngithathe iZwi eliqinisileyo, futhi ngama ngeZwi. Ngime khona lapha kulokho Athi kimi, ushumayele iZwi, hhayi ulwazi-nzulu lwehlelo. "Ushumayele iZwi," lowo kwakungukumyalo engathunywa wona, "hlala neZwi." Futhi, bazalwane, olalele leteyipu, ngangingumfo omkhulu ngenkathi ngifika phakathi kwenu, nje ngiphilisa abagulayo, ngikhuluma ngemibono futhi ngibonisa

izinto. Kodwa ngenkathi ngihamba ngiyonitshela iQiniso ngeZwi, nangifulathelela ini na? Niyaqonda nje ukuthi kungukugcwalisa lokho okwashiwo ngumBhalo na? Ya, kwenza leyondlela. Manje sekul'khuni ukuba ngingene endaweni.

120 Incwadi ifika ngaso sonke isikhathi. Enye iyafika ngolunye usuku, yathi, "Mfowethu Branham, nganginokukwethemba okukhulu kunakho konke, kodwa ngakuzwa uthi ihlelo elithize engisonta kulo lalihlubuka." Yathi, "Angisakwethembi nhlobo manje, kusukela manje kuqhubeke." Yathi, "Kwakukhona cishe abazalwane abangamashumi amabili-nanhlanu behlelo lami behlezi komunye wemihlangano yakho," yathi, "savele nje sasasukuma ngqo sasuka sahamba ngenkathi usho lokho."

121 Awu, wonke umuntu ungishiyile, kodwa kukhona into eyodwa, Wama ngakimi! . . . ? . . . Anginjalo, angibanga ngongawulaleliyo umbono waseZulwini owenzeka ezansi lapho emfuleni. Ngihlale ngokweqiniso kuwo. Ubengoqinisile kimi. Ngethemba Yena, ngoluny'usuku, angazi ukuthi nini, okokwethweswa umqhele kwenkonzo yami. Ngiyohlala ngokweqiniso nje impela ngakho konke. Angazi ukuthi uyoba yini, angazi ukuthi uyoba nini. Futhi ngi . . . Kodwa uma Eselungele, ngikhona. Manje bukani lapha. Ngethemba ukuthi Uyokwethwesa umqhele inkonzo yami ngalokhu, ngokungivumela ngithathe izingubo zokwembatha zeZwi, bese ngembathisa uMlobokazi waKhe ngengubo yokwembatha yeZwi, nangokulunga kwaKhe. Ngethemba ukuthi Uyongethwesa umqhele futhi angivumele ngime lapho ngalolosuku, bese ngithi, "Bheka iWundlu likaNkulunkulu elisusa isono sezwe."

122 Maningi amagquma asazokhwelwa kuyiwa phezulu, ubunzima, ngesinye isikhathi buba l'khuni; kodwa Lowo okhomba indlela yezinyawo, uyazi nje ukuthi ikuphi okuhle ukwedlula konke. Uyazi ukuthi yikuphi okuhle ukwedlula konke. "Umshikashika wendlela uyobonakala ungelutho, uma sesifika ekupheleni kwendlela." Asifunisise lapho kade kuhamba khona unyawo olunegazi. Khumbulani nje, bangane, "Izihlabathi sigugulekile lapho kade kuhamba khona unyawo, lwalowoMfokazi ogwini lwaseGalile; nalelophimbo elathobisa amagagasi adlangile, alisayikubuye lizwakale eJudiya. Kodwa indlela yezinyawo yalowo waseGalile oyedwa, ngizoyilandela ngokukhulu ukujabula namhlanje; nomshikashika wendlela uyobonakala ungelutho, uma sengifika ekupheleni kwendlela."

123 Kulengxenye yokuqala yomBhalo engiwufundile, Anginika wona, ngangiyinsizwa, umfana nje, ngimi phandle lapho, amahlombe eqondile, isifuba siphumile, isiqhova engathi amagagasi, izinwele ezimnyama. Manje sengimi ngimahlombe aqhothile, nginempandla, sengiba-mpunga, ikhehla eselineminyaka engamashumi amahlanu-nantathu

ubudala. Kodwa Uya ngokuba-mnandi kakhulu lapho izinsuku zedlula. Futhi angigwemanga ukunitshela lonke iVangeli likaJesu Kristu. Nesifiso senhliziyo yami singukuhlangana neBandla Alifelayo, lembathiswe ukulunga ngeGazi laKhe uQobo, lembethe ngeZwi laKhe nokulunga kweZwi laKhe, ngokuba iZwi laKhe ngeke lehluleka neze. Futhi ngakho-ke, ngiyazi ukuthi uma ngizoma ngeZwi futhi ngiqiniseke eZwini, futhi uma iZwi lihlala kimi nami kuYe, ngalolosuku ngiyojabula ukuthi ngahlala ngokweqiniso.

124 Angazi ukuthi ikusasa liphetheni, kodwa niyabona ukuthi sikuphi, aniboni na? Niyabona ukuthi kungani wonke umuntu ethi, ngisho nakwabanye abangozakwethu, bathi, "Ngani, uMfowethu Branham usewasheke wonke." Niyabo? Ya. "Uwasheke wonke." Niyabo? "A, asisezwa lutho oluningi kakhulu olwenziwayo." Niyabo? Awu, si . . . Nje abaqondi, yilokho kuphela, nje abakuqondi. Niyabo?

125 Ngicabanga ukuthi into enkulu ukwedlula yonke uPawulu ayeyifuna, ngenkathi ethi, "Isikhathi sami sesiphelile manje," isifiso esikhulu ukwedlula zonke senhliziyo kaPawulu sasingukuba abe ngumfelukholo. Leso kwakuyisifiso sazozonke izinhliziyo zabo ngalezozinsuku. Uma be . . . Senake nayifunda *iNcwadi kaFox yabaFelukholo*, kanti futhi nawufunda futhi *UMkhandlu waseNayisiya na?* Ukuhlonishwa okukhulu ukwedlula konke okwakungaba khona, lapho abehlukene (noPolycarp nabanye) bahamba bayongena emphandwini wezingonyama, babememeza ngokujabula. Bahamba bayongena lapho bazi ukuthi babezoba ngumfelukholo. Ngenkathi beshiselwa esigxotsheni, babememeza kakhulu ngokujabula, ngokuhlonipheka ngokuthi ungumfelukholo. Ngenkathi uPawulu ehamba ehlela kulesosigodo sokunqumela, ukuba anqunywe ikhanda lakhe, eholwa ephuma kuleyondlu yasetilongweni, indawo endadlana engumgodi wasetilongweni lapho, imbobo odongeni, lapho ababembeke khona. Ngahamba ngehlela lapho, ngayibuka. Umfudlana omdadlana emuva lapho lapho ababhaklazela umzimba wakhe kuwo. Futhi manje sebefuna ukumenza ongcwele noma enye into ethize. Lona leloqembu labantu! Lapho wahamba wehlela lapho. Wathi, "O kufa, luphi udosi lwakho na? Thuna, kuphi ukunqoba kwakho na? Kodwa makabongwe uNkulunkulu Osipha ukunqoba ngeNkosi yethu uJesu Kristu. Ngikulwile ukulwa okuhle. Ngiqedile ibanga. Ngikugcinile ukuKholwa. Kukhona umqhele engibekelwe wona, futhi kungeyimi ngedwa, kepha bonke abathandayo ukubonakala kwaYo."

126 Sesehlele evesini 6 manje, kuya kwele 18. Angazi ukuthi kuzongifundela kanjani, kodwa nginicaphunela kuphela okwafundelwa abanye. Futhi ngizoqhubeka nokuhlala ngiqinisekile eZwini Aze aqede. Ilapho-ke inkonzo namhlanje. Angiwashekile. Ngethemba ukuthi nje ngiwasheke phakathi

eNkosini. Kunjalo. Asikhothamise amakhanda ethu manje sisakhuleka . . . ? . . .

127 Kukhona intambo encane eze yayofika phansi isuka esiHlalweni sobukhosi kulobubusuku, ibizwa ngentambo yokuPhila. Ngisakhuleka, ngethemba ukuthi idonswa yiwo wonke umuntu ongaphendukile ophakathi lapha. Ungefinyelele yini phezulu bese uyayibamba, mngane oyisoni na? Wena uthi, "Mfowethu Branham, uthe usuyaguga, futhi ngiqagele yilesosizathu u . . ." Qhabo, mfowethu, dadewethu. Ngenkathi ngisengumfanyana nje, ngangilikholwa Leli. Nginikele impilo yami ngaLo. Futhi kunye kuphela ukuzisola enginakho, nginempilo eyodwa kuphela enginganikela ngayo. Ukuba nganginezimpilo eziyizinkulungwane eziyishumi ngangiyofuna ukunikela ngazo zonke ngenxa yaLo, kuYe.

128 Ungeyibambe leyoNtambo lapho yedlula kulobubusuku, endleleni yakho na? Wena uthi, "Mfowethu Branham, angifanele ukuYibamba." Ngiyazi awufanele, mntwana. Kodwa hamba uyokwenza okuthize ukuze ufanele, futhi ungitshele ukuthi wenzeni, ngifuna ukukwenza, nami. Ayikho into ongayenza ukuze ufanele. Wazalwa ungafanele. Yinye kuphela into ongayenza, bamba indlela nje eyenzelwe wena. Uyaminza, ungaminzi kulokho. UNkulunkulu uphonse intambo yokuPhila, asi—asifinyelele futhi siyithole kulobusuku.

129 Baba wethu waseZulwini, ngiyakhumbula khona lapha kulelideski elifanayo, lendawo efanayo lapho engakhuluma ngalokho kusa, ukuthi ngenkathi nginikela ngendlu yokukhonzela phezu kwawo impela lomhlabathi lapha. Nalelotshe legumbi libekwe lapho, lisalokhu libambe ikhasi eliphuma eBhayibhelini engabhala lokho. Ngathi, "Nkosi Jesu, ngomusa waKho ngiyohlala ngeqiniso eZwini." Futhi manje ngiyabona seliveze nje khona impela elikwenzile ngezinye izikhathi. Futhi nakhu ngilapha kuleliTabernakele kulobubusuku, emva kokuhamba izwe, sengibuyile futhi, netshe legumbi elincane lisalokhu libekwe lapho nephepha likulo. Ngihlole, Nkosi. Nge—ngenze amaphutha amaningi. Nge—ngenze iphutha, Nkosi. Izikhathi eziningi ngehlulekile kuWe, njengoba nje ngifakazile esikhashaneni esedlule mayelana nokwehluleka. Nkulunkulu, mina—mina, ngokushesha lapho ngikwenza, ngi—ngi—ngifuna intethelelo. Enhliziyweni yami ngiyaKuthanda. Futhi ngi—ngiyazi ukuthi Wangikhombisa maduze nje mayelana naleyondawo esiya kuyo. Futhi angazi ukuthi Uqeda nini ngami manje, Nkosi. Ngi—ngilapha kulobubusuku, ngomusa waKho, futhi a—angazi ukuthi Uzoqeda nini, kodwa ngiyazi lokhu kuzofika kulokhu. Kodwa uma sekufika lesosikhathi, a—angifuni ukuba yigwala. Ngifuna ukuma njengoba bonke abanye babo bama. Kodwa, Nkulunkulu, uma—uma—uma ngifanele ngiphawule ubufakazi bami ngempilo yami uqobo, kumbe noma ngabe yini efanele

yenziwe, Nkosi, yethwese umqhele-ke. Ungethwesi mina umqhele; wethwese umqhele inkonzo engiyishumayelile, Nkosi, yiZwi laKho. Futhi ngiyazi ukuthi leloZwi likwazi ngaphezu kokwenza ukungivusa futhi ekuvukeni. Futhi anginamahloni ngeZwi engilishumayelile, ngoba Lingamandla kaNkulunkulu kube ngukusindiswa kwabaningi abakholwayo.

130 NgiyaKubonga ngebandla elincane elisalokhu limile namhlanje. Ngenkathi ngithatha lesosinqumo seZwi, abaprofethi baprofetha futhi bathi, "Ezinyangeni eziyisithupha kuyophendulwa kube yigaraji." Sekwedlule iminyaka engamashumi amathathu, lisemlilweni kakhulu namhlanje kunoma belinjalo eminyakeni. "Phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi." SiyaKubonga ngomelusi wethu. SiyaKubonga ngabadikoni, abaphatheli. Sonke sinengxenye encane okufanele siyidlale, Nkosi, futhi sifuna ukuyidlala ngokwethembeka, sifuna ukuyidlala ngokuyikho.

131 Kungahle kubekhona abanye lapha abathanda ukujoyinana nathi kulobubusuku, Nkosi. Futhi indlela abakujoyina ngayo, ngukuba nje babambe lentambo yokuPhila futhi bahambe badonse, baYisongele esihlakaleni sabo, baYibophe izongolozele inhliziyo yabo, bese bethi, "Manje, Nkosi, donsa, ngiphakamise," futhi bazovela futhi bakhanye njengegolide. Siphe khona, Nkosi. Sibheke lesosikhathi.

132 Sikholwa ukuthi sekuseduze kokuphela. Siyakubona lokho njengoba besifundisa lapha, uNyaka weBandla laseLawodikeya manje usukhona, siyabona ukuthi akukho lutho olunye olungenzeka kepha ukuFika kweNkosi. Futhi, Nkosi, kungebe lokho ngumqhele omkhulu weZwi, ukubona uMqhele qobo Lwawo uza na? Ngingathanda ukuma lapha bese ngithi, "Nango, lelo yiWundlu." Njengoba kwenza uJohane. "Bheka iWundlu ekade sililindele, yiLo leli." INkosi iyofika masinyane ethempelini laYo, ithathe abantu baYo ihambe nabo baye oHlwithweni.

133 Senze sizilungiselele, Baba. Geza izinhliziyo zethu eGazini laKho. Senze sibe msulwa futhi sihlanzeke, ukuze iZwi laKho lihlale kithi. Futhi kwangathi singakhumbula ukuthi sifanele sisebenzele phezu kweZwi, ukuze Lona libambelele futhi lisebenze. Yipha sonke isoni ukuphenduka. Busisa wonke umuntu ophakathi lapha. Abangcwele, labo, amanye alamaqhawe aligugu amadala, Nkosi, ekade lilwa emgqeni iminyaka, kuhlekiswa ngalo, kukhulunywa ngalo futhi lijivazwa. Asaqhubeka ngoba anokuPhila. Ayamazi ayeMkholwa, futhi eqinisekile ukuthi Uyakwazi ukugcina lokho akunikele kuYe. SiyaKubonga ngalokho. Sikhulekela ukuthi Uzophilisa abagulayo ophakathi kwethu. Susa zonke izono zethu nokugula. Futhi, Baba Nkulunkulu, thola udumo kuWe uqobo.

134 Nginabangane abangamagugu abaningi kakhulu, Nkosi. Ngi—ngiyabathanda, futhi ngiyazi enye indoda ikwenzile kusukela phansi onyakeni, futhi. Abangane abangamagugu, abangane abathandekayo, abancane nabadala, futhi siyabathanda ngenhliziyo yethu yonke. Manje senze sibe ngabaqinisile, Nkosi, abaqinisile nje eZwini, ukuze sikwazi ukuhlangana nabo ezweni elingcono ngoluny'usuku lapho ongasophinde kubekhona ukudabuka nezinsizi. Sibheke ukuFika kweNkosi, masinya. Sikholwa ukuthi Izofika.

135 Manje busisa ongakholwayo lapha kulobubusuku, Nkosi, futhi kwangathi angaba yikholwa futhi aKwemukele njengoMsindisi wakhe kulobubusuku.

136 Futhi sisakhothamise amakhanda ethu, uma engabakhona othize lapha ikhanda lakho likhotheme, ongathi, "Mfowethu Branham, phansi le ekujuleni kwenhliziyo yami, ngi—ngifuna ukufika ekupheleni kwendlela, ngilwa ukulwa okuhle. Ngifuna ukuba ngumKristu. Ngizophakamisa isandla sami." UNkulunkulu akubusise, nawe uNkulunkulu akubusise. Kuhle lokho. UNkulunkulu akubusise, wena. "Ngifuna ukufika ekupheleni kwendlela yami, nginokulwa okuhle emva kwami. Ngemukela uKristu njengamanje. Ngifuna Yena abe nguMsizi wami." Kulungile, iNkosi ikubusise. UNkulunkulu akubusise, nenekazi ngemuva. Kuhle lokho. U—Uyakwazi. Ngifunde okwenele ngaYe kuyo yonke leminyaka, cishe iminyaka engamashumi amathathu-nambili manje emva kwepulpiti, ngifunde okwenele ngaYe manje ukwazi ukuthi Wazi konke ukunyakaza okuthathayo. Uyawubona umzwilili. Izinwele zekhanda lakho zibaliwe. Niyabo, Wazi konke ngazo. Vele nje uphakamise isandla sakho, bese ukusho ngempela, yilokho kuphela ofanele ukwenze. Futhi akhona amanzi aselungele.

137 Khumbula, wenzani na? Uyaphenduka, ukholwe eVangelini, bese-ke uyabhaphathizwa. Kwenziwe kukuphi—kukuphi na? EGameni likaJesu Kristu, kukho ukuthethelelwa kwezono zakho. Lobo ngubufakazi bakho, ukuthi uyaphenduka. Izono zakho sezihambile uma ubhaphathizwa; uzivumile, futhi uyakholwa. Ungebambe intambo yokuPhila manje lapho idonsa inqamula enhliziyweni yakho, futhi ithi, "Woza ngapha, sihambi. Hamba kanye naMi, thwala isiphambano saMi. Ufunde kiMi, Ngimnene ngithobile enhliziyweni, nemithwalo yaMi ilula." Yelula isandla nje bese uyaYibamba.

138 Mangaki amaKristu aseNdleleni kulobubusuku, phakathi lapha, ajabulayo ukuthi naqala kudala na? Senivele nikwenzile ukuqala kwenu, futhi phansi le ngasemgwaqeni, usalokhu uza wehlela ekupheleni. Ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzoyethwesa umqhele inkonzo yakho, noma ngabe iyini. Kungahle kube yinkosikazi yomuzi. Ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzoyethwesa umqhele inkonzo yakho. Kungahle

kube ngumshumayeli. Kungahle kube yidikoni. Kungahle kube yilunga elungumuntu nje. Kungahle kube ngumlimi. Angazi ukuthi iyini. Noma ngabe iyini, kwangathi uNkulunkulu angakwethwesa umqhele ukuphila kwakho ngenkazimulo yeZwi laKhe, nohlwitho lokuFika kwaKhe kwesiBili wena futhi athathe wena ayokufaka kwelinye iZwe lapho oyozizwa khona nje njengaleyonhlanzi encane engikhulume ngayo, iphuma kulobo bumnyama phansi lapho. Niyabo, ubungenyukele Lapho naloluhlobo lomzimba. Kanjalo ubungeke wenyuke njengalab'osonkanyezi, niyabo, ufanele ube sethangweni elifakwe umfutho wamandla. Awufakelwe wona umfutho wamandla alo. Kodwa uma uNkulunkulu ekuguqula, usufakwe umfutho wamandla-ke, usuyongena ekuHlwithweni-ke. Uma lemizwa yasemhlabeni emidala usulahlekile, futhi usumukile wayongena kuleyondlela yenkazimulo yesiphambano, uya eKhaya noJesu.

139 Manje, Baba Nkulunkulu, siyaKubonga ngalezizandla eziphakamayo ukuba zibe ngamaKristu. Ngikholwa ukuthi bakusho ezinhliziyweni zabo. Ngiyabakhulekela, ukuthi abayikwehluleka noma yinini. Futhi uma behluleka, kwangathi ngokushesha babe nalowommeli enoBaba. Engifundile ukuthi kuyinto enkulu ngempela, Baba, ukuthi uma ngenza onke amaphutha ami, bese-ke ngithola ukuthi nginommeli (ngokukhulu ukushesha) enoBaba, ngoJesu Kristu. Futhi ngibuyiselwa emseni futhi. Izandla ezithandekayo zeNkosi zesule, kukhona uMhlatshelo onegazi obekwe lapho engiwuvuma ukuthi unguMsindisi waMi.

140 Bonke labo abagulayo nabadingayo, ngikhulekela ukuthi Uzobapha izidingo zabo futhi uphilise sonke isifo, Nkosi. Nalabo abalapha manje behlezi ngaphansi kwalolugcobo olunenkazimulo kaMoya oNgcwele, njengoba siWuzwa kamnandi uthululeka phezu kwemiphefumulo yethu.

141 Baba Nkulunkulu, Uyazi ukuthi ngangicabanga ngani ngiza ngehla ngivela eCanada ngoluny'usuku. Ngacabanga, "O, bengingathanda kanjani ukungena emvuselelweni eyimfeshini endala futhi, ngibone aba—abangcwele bakaNkulunkulu becula namandla kaNkulunkulu ehla." O, inhliziyo yami ikulangazelela kanjani pho, Nkosi. Kwangathi kungathi bhidli imvuselela enjengaleyo kuleliTabernakele, o, ukuthi amandla kaNkulunkulu azo—azovele nje athululeke phansi ngemigudu yomusa, angene kuyoyonke inhliziyo.

142 NgiyaKubonga ngalendawo encane, Nkosi. Besingakwazi ukuyigcina ngalendlela, bekungumusa waKho oyigcine ingokomoya. Namanje ngiyakholwa, Nkosi, indawana encane enokomoya kakhulu impela esizweni, engiyaziyo, ikhona lapha eMgwaqeni uEigth noPenn. NgiKubonga kakhulu ngalokhu, Nkosi! Ngiya emabandleni futhi ngiwabone ebanda futhi

enokunganaki, nabesifazane benesibindi ngangokuthi ngeke ngisho baze bakhophozele, futhi kungekho no "amen" noma unyembezi esihlathini, noma lutho, futhi kungekho-nsindiso, kungekho lutho kodwa nje ukujoyina ibandla bese besho isivumokholo sabo. Futhi, O Nkulunkulu, bese-ke sizongena endaweni efudumele kancane emnandi lapho imililo yakhiwa khona phezu kwalo lonke i altare lenhliziyo. Kuyinduduzo enjani pho, Baba! Induduzo enje pho! NgiyaKubonga, Baba, futhi kwangathi ingahlala njalonjalo kuze kube ukuFika kweNkosi uJesu. Sibusise kanyekanye manje.

143 Futhi kusasa yiSabatha. Futhi, Nkosi, ngisize ekuseni, uma unkatha ludla mina ukuba ngishumayele ngalokho *Ukubala ngokuhlehla*. Nkulunkulu, kwangathi ngingakwazi ukuwuletha ngendlela impela abantu baze bawubone, Nkosi. Futhi manje kwangathi bangasibona isimo senkonzo, nalapho ekhona, nokuthi silindeni, nokuthi kungani yonke into iqhubeka ngendlela eyiyo. Kwangathi bangafunda kusukela evesini 5 kuqhubeke, bese-ke beqonda indawo esimi kuyo.

144 Futhi manje, Baba, ngikhulekela ukuthi Uzosibusisa futhi usiphe ukuphumula okuhle emizimbeni yethu, futhi usibuyise kusasa. Busisa bonke lababantu abemi bezungeze izindonga, futhi beyamise unyawo olulodwa kolunye. Abesifazane, abesilisa bemi phandle emvuleni phandle lapho, nangokuzungeza amafastela, futhi behlezi ezimotweni zabo, nabo bonke phansi-naphezulu. Ngikhulekela ukuthi Uzobabusisa, Nkosi. Kwangathi bangaya ekhaya benomusa kaNkulunkulu enhliziyweni yabo. Ngikhuleka eGameni likaJesu. Amen.

145 Seniyaqonda manje na? Fundani kusukela, kuqala, uThimothewu II 2:4, UThimothewu II 4, kusukela evesini 5 kwehle njalo, ngaphambi kokuba niyolala kulobubusuku, ningakwenza, futhi nizobona ukuthi sikuphi. Kungani labo umuntu bamshiya na? Abezanga ngani na? Futhi manje nje qhathanisani leyonkonzo nalokho esedlula kukho namhlanje. Qhathanisani ukufundisa kukaPawulu oNgcwele. Khumbulani entweni encane yaseZulwini engayibonayo, ngathi, "Awu, ngabe uPawulu uyodingeka ukuba ame nabantu bakhe na?"

Bathi, "Yebo."

146 Ngathi, "Ngishumayele iZwi elifanayo alenzayo, ngahlala nje ncamashi neVangeli elifanayo."

147 Nezigidi zasho zaphakamisela izandla zazo phezulu zase zithi, "Siphumule kuLokho."

148 INkosi inibusise. NiyaYithanda na? "Size sibonane! Size sibonane! Size sibonane!"

